# *UMNYANGO OYA ENHLIZIYWENI*

Ngiyabonga.

2 Ningahlala phansi. Impela ngifuna ukubonga wonke umuntu ngalesisikhathi esikhulu senhlanganyelo kulomhlangano. Bengikhuluma nendodana yami, kuDkt. Vayle, nalabo abenhlangano yami, uLeo, uGene, futhi bona . . . besikhuluma ngokuthi lona ngomunye wemihlangano kamoya kakhulu esingene kuyo isikhathi eside. Ngempela ku . . . Anikukholwa lokho, bazalwane na? Kunjalo ngempela.

3 Niyiqembu labantu elithandekayo. Angikusho lokho ukuba nje ngibe nenhlonipho, ngisho lokho, ngokuba kuvela enhliziyweni yami. Ngike nginitshele noma yini, kuvela enhliziyweni yami, futhi ngifuna ningenzele indlela efanayo, khona-ke siyazi ukuthi simi kanjani. Njalo kuhlose nje, okushoyo, ngoba uma ungakwenzi, uJesu wathi lokho kwakungukuzenzisa uma ungakhulumi ngokusuka enhliziyweni yakho.

4 Ngakho ngifuna ukunibonga nonke ngamunye. Ngifuna ukubonga abazalwane bami abakhonzisayo ngapha ngokwesekela okwethembekile enikukhombisile kulomhlangano, ukuthi nihlangane kanjani, futhi nakhu nilapha kulobubusuku, nikhipha amabandla enu uqobo futhi niza lapha ukuba nibuthane nathi kulobu busuku bokugcina. Bazalwane, uNkulunkulu anibusise. Ngikhulekela izibusiso zikaNkulunkulu phezu kwenu, ukuthi inkonzo yenu izoceba futhi ibe ngeyasebukhosini kunoma ibilokhu injalo kusukela kulesisikhathi, ngoba benithembeke kakhulu, nizama ukusiza imbangela ebengiyimele, ngobuqhawe kakhulu njengoba ngazi ukuthi kumiwa kanjani.

5 Futhi ngethemba ukuthi siyabuya nani ngesinye isikhathi, ngingathanda ukubuya futhi ngibe nenhlanganyelo encane kanye nani. Ngicabange ukuthi mhlawumbe sizoba nesidlo sasekuseni, futhi ngizothola ukunixhawula, angikwazanga ukuthi ngikwenze. Kodwa niyazi, lapho ngibuya, uma iNkosi ithanda, kuthiwani ngathi siyodoba na? Ungathanda ukwenza lokho, mnumzane na? Ngiyakuthanda ukudoba, angikwazi ukubamba lutho, kodwa ngiyathanda ukubamba induku, ngiyazi niyakuthanda, nani. INkosi ithanda, sizobuya futhi sidobe isikhashana, ngingakuthanda lokho.

6 Futhi ngempela ngifuna ukunibonga ngobambiswano lwenu oluthembekile. Ngisho noBilly ubengikhombisa, ngikholwa ukuthi bekuyizolo kusihlwa, yena noma uDkt. Vayle oyedwa, ukuthi ngisho nephephandaba, ngicabanga ukuthi bekukhona isikhangiso samadola angamashumi ayisithupha, noma

okuthize, ephephandabeni, noma amadola angamashumi ayisithupha-nanhlanu, namaphephandaba asika kabili isikhangiso saba nguhhafu, kwakwenza nje kwaba amadola angamashumi amathathu nento. Manje, lelo yiphephandaba elihle, ngiyakuthakasela lokho.

7 Uma noma yini. . .Uma u—uma umhleli noma yimuphi wesitafu sephephandaba elapha, angibazi, futhi ngisanda kukufunda maduze nje, bengingenaso isikhathi sokubatshela, ngibongeleni kubo. Impela ngiyabonga. Uma uthatha lelophephandaba, vele ubabhalele inothi elincane futhi ubatshele ukuthi ucabangani ngakho, ukuthi uyakuthakasela. Ngokuba lokho yi. . .Inqobo nje uma unephephandaba elinjalo kulelidolobha, awu, unephephandaba elihle. Abaningi kakhulu babo bebengeke ngisho bakufake, endaweni yokuqala, bese kuthi-ke uma bekwenzile, bekuyoba ukugxeka. Kodwa lelo yiphephandaba elihle, iNkosi ibusise lawomadoda enza lokho.

8 Futhi manje-ke sifuna ukubonga abantu ngokusivumela sibe nalelihholo elikhulu, lendawo yokuzivocavocela ibhaskethibholi. Ngikholwa ukuthi lena ibizwa ngendlu yokugcina izikhali. Enye indoda ezansi egaraji likapetroli ibitshela uMfowethu Funk, umngane wami osanda kukhuphuka izolo ebusuku ovela edolobheni lakithi lasekhaya, ozohlala lapha eduze kwenu manje, ukanye nohulumeni wase-United States, uthe u. . .bekunezimoto eziningi kakhulu ebezingenile, belokhu bebuza nje ukuthi indawo yokugcina izikhali ibikuphi, wavele wama phandle lapho, niyazi, lapho ushayela, bebengafuni upetroli, uyothi, "Hamba *kanje-kanje*. . .Indawo yokugcina izikhali inga*le*ndlela." Imoto elandelayo iyafika, uyothi, "Indawo yokugcina izikhali ingaleya kwa*leyo*ndlela." Futhi ngakho bebeyothi, "Ngiyabonga," futhi baqhubeke. Ngakho lokho kuhle kakhulu.

9 Izindawo othenga udlele kuzo ebesikade sidla kuzo, ziyamangalisa. Kade sihlala ezansi lapha e-Ash Lawn Motel, indoda emangalisayo kakhulu, umuntu omangalisayo. Futhi bebelungile kakhulu nje kithi ukuba bengiyindodana yakhe uqobo, umKristu, ikholwa. Futhi ziningi kakhulu nje izinto.

10 Futhi lapho uDkt. Vayle, ube. . .baze ngisho baphula irenti yakhe, noma okuthize, lapho ukwenzela yena ehhotela labahamba ngezimoto. Angikhumbuli ukuthi bekukuphi ahlale khona. Ngaphambi nje kokuba uwele umzila ezansi lapha, ungena ngo 11. Nibe bahle kakhulu, impela siyakuthakasela lokhu.

11 Manje, njengoba ngiqonda ukuthi izikweletu zonke sakhokhwa, wase-ke wenza lokho, yilokho kuphela esikudingayo. Manje, kodwa bathi bangithathele umnikelo wothando kulobubusuku, ngiyakuthakasela lokho. Manje, ngi—ngibe senkonzweni iminyaka engamashumi amabili

nesikhombisa futhi angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, angikaze ngiwuthathe umnikelo.

12 Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi ngenkathi ngelusa iTabernakele leBaptisti eJeffersonville, kwakungesikhathi se, uhlobo lwezikhathi ezinzima, niyazi, futhi niyazi singabantu abampofu nje, futhi njengathi sonke, futhi nga—ngathola indawo lapho engangingakwazi khona ukufeza izidingo. Wake wangena kulesosimo na? Sonke sike sangena, asinjalo na? Futhi ngathi kumkami, ngathi, "Ngiya ngale bese ngithatha umnikelo." Sasingenalo ngisho nepuleti lomnikelo.

13 Futhi ngenkathi sakha ibandla sabeka isayini encane, ibhokisi elincane ngemuva, lathi, "Enikwenzile kwabancinyane balaba abancinyane baMi, nikwenzile kiMi." Lakhokhelwa kanjalo. Futhi ngi . . .

14 Manje, abantu bebezonginika umnikelo, kodwa bengi—ngisemncane futhi ngikwazi ukusebenza, futhi ngakho nga—ngasebenza izinsuku eziyisithupha ngeviki, ngisebenza umsebenzi onzima.

15 Ngase ngithi, "Angikwazi nje ukufeza izidingo ngalesisikhathi, ngiyakweleta." Ngathi, "Ngiya ngale futhi ngicele u—umnikelo kulobubusuku."

Wathi, "Ngizoya ngale futhi ngikubhekisise ukwenza."

16 Ngathi, "Kulungile." Ngangihlala nje ngaphesheya kwendlu yokukhonzela, amakamelo amancane amabili. Ngicabanga ukuthi irenti yethu yayicishe ibe amadola ayisithupha ngenyanga; lokho kwakuphakeme kabi kakhulu ngaleyonkathi. Ngakho si . . . Indlwana yezingodo encane nje.

17 Ngakho saya ngale, ngase ngithi, "Bafo, ngiyanitshela, angifuni ukwenza lokhu, kodwa," ngathi, "Ngifike endaweni, ezinye izikweletu enga—ngathembisa omunye ukuthi ngizozikhokhela, sikweleta cishe amadola angamashumi ayisishiyagalolunye efenisha yethu nezinto ezimbalwa," ngase ngithi, "isikweletu sethu segrosa sesithe ukuhlehla kancanyana, futhi ngenza kuphela cishe amasenti angamashumi amathathu nesikhombisa ngehora." Ngathi, "Angazi noma ngingakwenza yini lokhu: Ngizodlulisa isigqoko sami kulobubusuku, futhi nje nivele, uma ninozuka abambalwa, uma beningangisiza, ngiyakuthakasela.

18 Futhi uMalume omdala uJim Wiseheart, angisoze ngamkhohlwa, wasukuma nokumamatheka okukhulu, wayengomunye wabadikoni, futhi wahamba walanda isigqoko sami. Ngabuka, ohlezi phambi kwami ngqo, nomncane, owesifazane osekhulile ehlezi lapho, encane enomoya omuhle kunabo bonke, into endala, useNkazimulweni kulobubusuku. Wayevame ukugqoka lamaphinifa amancane elinephakethe ngaphakathi, uyazi, ufaka isandla sakho ngaphansi kwephinifa ukuze uthole iphakethe. Angazi. Niyabo?

Futhi wayengowangempela nje, ongcwele omncane nokho, igama lakhe kwakunguNkk. Weber.

19 Futhi ngimbonile efinyelela ngaphansi kwaleliphinifa elidala, ngenkathi ngishumayela, wavele wahlala nekhanda lakhe likhotheme futhi wangikhulekela, owesifazane ongcwelisiwe ngempela, futhi wafinyelela ngaphansi kwalapho futhi wathatha esinye salezozikhwama ezincane ezihlala ephaketheni oziqaqa phezulu, uqala ukudonsa lezozithupha ezincane ezansi phakathi lapho ukukhipha labozuka. Ngiyanitshela, bengingekwenze. Ngathi, "O, benginincokolisa nonke nje ukubona ukuthi beniyokwenzenjani." Ngathi, "Bengingakuqondile lokho." Ngathi, "Bengi—ngingakuqondile lokho." O, inhliziyo yami yayikhala ngaphakathi kimi ukucabanga ukuthi ngiyothatha ozuka kulowo ompofu, omncane, owesifazane osekhulile.

20 Futhi umfowabo omdala wayevame ukwehla. Gene, uyamkhumbula na? UMfowethu Ryan omdala, wayenezinwele ezinde. Uvela eBenton Harbor, futhi wafaka iBhayibheli ekhwapheni lakhe, wayegibela ibhayisikili lakhe ehle. Futhi ungazibonela ukuthi lokho kwakubukeka kanjani, eza ukuzongibona, lezozinwele ziphephuka emva kwakhe, egibele lelibhayisikili. Ngakho wanginika ibhayisikili elidala, lahlubuka kuye, futhi u—u . . . Lelo akusilo yini igama elithize ukuba iBaptisti ilisho na? Kodwa lakwenza, lakhathala nje, kwaba yilokho kuphela.

21 Ngakho ngaphesha amathayi, ngase ngiphumela esitolo sezinto zikasheleni, ngase ngizitholela imibala emibili ehlukene kapende, ngase ngilipenda ngamasenti angamashumi amabili, ngase ngilithengisa ngamadola amahlanu ngase ngikhokha isikweletu. Ngakho angidingekanga ukuba ngithathe umnikelo empeleni. Leso kwaba yisehlakalo sami sokuqala ngomnikelo. Ngakho . . .

22 Ngifisa sengathi ngabe angidingekanga ukuba ngiwuthathe, bangane. Izindleko zami zincane kakhulu, anginakho ukusakaza emsakazweni, anginalutho engingaluthatha noma iyiphi imali, kodwa nje umsebenzi wami omncane wasehhovisi. Nezindleko zami ehhovisi lami nasekhaya zingibiza cishe okulinganiselwa ngokuvamile emadoleni ayikhulu ngosuku. Yingalesosizathu ngingaya ezindaweni emaqenjini amancane.

23 Nicabanga ukuthi u-Oral Roberts usebenzisani ngosuku na? Kwakungokokugcina ngezwa cishe izinkulungwane eziyisikhombisa kuya kweziyisishiyagalombili ngosuku. OkukaBilly Graham yizinkulungwane *eziningi kakhulu* ngomzuzu lapho esekusakazeni kwakhe. Manje, u-Oral Roberts angathanda ukuza kwezinye zalezizindawo ezincane futhi abambe izimvuselelo. U-Oral Roberts ungumfowethu olungileyo ngempela, uyindoda ekahle.

24 Ngiyamkhumbula u-Oral ngenkathi siqala ukuhlangana, wayenelincane, ithende elimanikiniki lihlezi ngale e—eKansas City, eMissouri, nganginehholo elikhulu ngale ngakolunye uhlangothi, no-Oral uyafika wahlala eceleni ngalobobusuku, umshumayeli ongumfana nje, futhi sinesithombe sethu ndawonye phandle egcekeni. Wathi, "Ucabanga ukuthi uNkulunkulu ubengawuzwa umkhuleko wami wabagulayo, Mfowethu Branham na?"

Ngathi, "Uzozwa umkhuleko kanoma ubani."

Wathi, "Nazo-ke."

25 Manje ngihlezi eceleni kwakhe. Kodwa, niyabo, uNkulunkulu wayazi ukuthi ngangingenabo ubuhlakani bokunakekela uhlelo olunjalo. O, he! Itelevishini nakho konke okunye, a—angikwazanga ukukumela, uma bengifanele ngikwenze, niyazi, ngiphume futhi ngithathe imali. Futhi—futhi nalowomthwalo ongako, bengiyohluleka ukuzilawula. Ngakho angikwazanga nje ukukwenza. Futhi khona-ke ubengathanda ukuza ezindaweni ezincane, kodwa . . .

26 Ngisanda kubamba imvuselelo endaweni eyayimumethe abantu abangamashumi amabili. Kunjalo. Kodwa, niyabo, angikho ezindlekweni eziningi kakhulu. Manje, indlela engikwenza ngayo, ngilinda nje eNkosini, futhi uma Ingitshela ukuba ngiye endaweni enabantu abangamashumi amabili, angikho ngaphansi kwezibopho ezweni, noma emsakazweni, kumbe noma yini, ngakho angikwazanga ukuhamba, futhi ngakho nje ngihamba ngiyobamba imvuselelo. Uma kuse, niyazi, eGravel Switch, kumbe noma ngabe kukuphi, kulungile.

27 Bese kuthi-ke uma Efuna ngiye e-Afrika, noma eNdiya, noma into ethize efana naleyo, futhi ngishumayele engxenyeni yesigidi, Uhlala njalo enomuntu ozokhokha izindleko; ngivele ngihlale ngiqhiyame futhi ngenze lokho Angitshela ukuba ngikwenze, ngiqhubeke kahle. Ngakho, ngi—ngi—ngiyakuthanda lokho. Ngi—ngi . . . UNkulunkulu wazi ukuthi ngangingenabo ubuhlakani u-Oral Roberts nabo anabo. Niyabo, u-Oral Roberts uyisifundiswa esineziqu zasekholiji, iminyaka emine yesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, ngakho ungasho ukuthi uyindoda ehlakaniphile. Futhi angihlakaniphile ngokwenele ngalokho, neNkosi yakwazi. Ngakho . . .

28 Omunye wayezama ukunginika i—i okunye, awu, ngi . . . kwakuyibandla iFoursquare, futhi mazibusiswe izinhliziyo zabo, bangabantu abamangalisayo, futhi babezonginika i—isiqu phandle lapho seziqu zobudokotela. Ngathi, "Bazalwane, ngihlakaniphe kakhulu ngalokho." Ngathi, "Uyazi abantu banomqondo ongcono kunokwazi ukuthi umuntu obene—nesiqu sobudokotela ngeke asukume nokunye kwaleyo endala, ukukhuluma okunensayo kwaseningizimu njengami bese ngisho, u *his*, no *hain't*, no *tote*, no *fetch*, no *carry* . . . ? . . ."

Ngathi, "Wena wazi kangcono kunalokho. Nje ngi. . ." Ngathi, "Ngiyajabula ukuthi nginobuhlakani obenele ukwazi kangcono kunokwenza lokho."

29 Ngathi, "Lokho bekungeke kungenze ngishumayele kangcono, empeleni, futhi bekungeke kwenze umsebenzi kaNkulunkulu uqhubeke, ngiyakuthakasela, kodwa ngingamane nje ngihlale nginguBilly Branham, futhi nje ngihlale kanjalo nje, yileyondlela Angenza ngayo."

30 Manje, akukho okumelene nalezoziqu, lokho kuyamangalisa, kodwa zazingezamadoda anobuhlakani, kunjalo, oyedwa. . . indoda eyaziyo ukuthi ini, ukukhulunywa nokubhalwa kolimi kwawo kuhle, empeleni. Ngakho siyabathanda nje abantu. Ngiphila elula, kakhulu, impilo ethobekile.

31 Bengikhuluma nomfanyana wami nje, uJoseph. O, he! Ungumfana impela! Niyazi, ngi. . .Bangaki abake bakhumbula ngokuba semihlanganweni yami ukuthi ngabona umbono ngaye eza eminyakeni eyisithupha ngaphambi kokuba afike lapha, ngatshela abantu ngakho, negama lakhe lalizoba nguJoseph?

32 Udokotela wathi, "Angeke abe nenye ingane."

Ngathi, "Yebo, angaba nenye."

33 Ngakho olandelayo uyafika, kwakuyintombazane. Ngakho khona-ke ngathola ukugconwa! Abefundisi bangibhalela izincwadi ezivela ndawo zonke, bathi, "Ubuqonde u*Josephine*, Mfowethu Branham."

Ngathi, "Qhabo, bengiqonde u*Joseph*."

34 Udokotela wathi, "Akasoze abe nomunye umntwana."

Ngathi, "O, yebo, angakwazi! Uzoba nomunye futhi, noma kanjani."

35 Ngakho ngenkathi ethola. . .Siyazi eminyakeni emine kamuva, ukuthi wayezoba ngumama futhi, nento encane bandla, ngenyukela e—e, indawo yami futhi ngangimkhulekela, ngiyabuya, futhi akazanga ukuthi izinto zazizohamba kanjani. Ngathi, "S'thandwa, ungakhathazeki. INkosi ithe nje, 'ISHO KANJE INKOSI: Konke kuhamba kahle nje.'"

36 Ngakho wangena, futhi niyazi ukuthi obaba abalindile bahamba kanjani basuse bonke opende kwiphansi lendlu, sasilindile, ngangizibuza ukuthi kwakwenzekani. Unesi uyehla, wathi, "Mfundisi Branham?"

Ngase ngithi, "Yebo, memu?"

Wathi, "Unomfana okahle ongamaphawondi ayisikhombisa nama-awunsi amathathu."

Ngathi, "Joseph, usunesikhathi eside uza lapha, kodwa uBabayi uyajabula ukukubona!"

Wathi, "Umbize ngo*Joseph*."

Ngathi, “Igama lakhe lelo.” Kunjalo.

37 Ngakho manje-ke, niyazi ngenkathi emncane, ingane encane nje, wayenodade omncane oneminyaka emine ubudala, noyedwa enesishiyagalombili, uSarah noRebekah, futhi babevame ukuthanda ukumluma ukumenza akhale, ukukhombisa nje ukuthi wayengenamazinyo, niyazi, izinsini zakhe nje, babecabanga ukuthi lokho kwakuyinto ethize, wayengenamazinyo, izinsini zakhe nje zibonakala. Kodwa wababelela kulokho. Ngiyanitshela, ungena endlini manje, uthi nje akaphakame njengoba ebanzi, amantombazane angena ezihlalweni, phansi kombhede, noma yikuphi, uyazi ukuthi kulunywa kanjani, naye, ngakho wenza ezinye izinsini zikhanye manje.

38 Bengikhuluma naye esikhashaneni esedlule, wathi, “Woza ekhaya, Babayi, ngimba eminye imisundu, sizoyodoba.” O, ngeke sibe nesikhathi sokuhamba, kodwa singakhuluma ngakho, niyazi. Lokho kulungile, ukukhuluma ngakho nje, futhi ngimqukule ngezingalo zami, futhi ngimthande kancane.

39 Abantwana basho okukhulu kakhulu, ngicabanga ukuthi banomoya omuhle kakhulu, bangabangempela nje. UJoseph omncane, noSarah, noRebekah basho lukhulu kimi. Weza kithi sesibadala, ngilapha ngineminyaka engamashumi amane-nesishiyagalombili ubudala, umfana emibili.

40 Kukhona noma yiziphi izindumiso okufanele zinikezwe emndenini wakwaBranham, zinikeni indlovukazi, uNkk. Branham, umkami. Iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili ubudala, ikhanda elimpunga, emi phakathi kwami nomphakathi, omunye wabesifazane abanomoya omuhle kunabo bonke abake baphila. Ngakho nguye ozothola udumo uma ekhona noma ubani. . . Uma kulawomafoni lapho ngiwabone ekhala, ibanga elide, izingcingo ezingamashumi ayisithupha-nane ngehora, imini nobusuku. Niyabo? Futhi uzofanele akusingathe konke lokho. Ngakho lelo elithandekayo, iphimbo elincane olizwayo ocingweni lapho ushaya ucingo lapho, leyo yindlovukazi yomndeni wakwaBranham nendlovukazi yenhliziyo yami. UNkulunkulu ambusise!

41 Ngiyawuthanda umndeni omuhle. Aniwuthakaseli umndeni wenu omdala olungileyo na? Yilokho engikucabangayo ngoNkulunkulu. Lapho sengimuka, angi. . . Ngicabanga phakathi komthetho nomusa, asikho ngaphansi komthetho, sinomusa, ngibonga kakhulu ngakho.

42 Lapho sengilungela ukuya phesheya kwezilwandle, angisho ukuthi, “Manje, Nkk. Branham, ngizokutshela okuthize: Awuyikuba nabanye abakhwenyane ngaphandle kwami lapho sengihambile.”

43 Futhi akaphenduli, bese ethi, "Buka lapha, nsizwa: Awuyikuba nabanye abafazi ngaphandle kwami, futhi." Manje, bekungeke yini kube yikhaya lelo na?

44 Siyakhuleka nje, ngicela uNkulunkulu ukuba ababusise futhi abasize, yena ucela uNkulunkulu ukuba angisize. Ngiyamanga ngimvalelise, bese ngithi, "Usale kahle, s'thandwa." Lokho kuyakuxazulula. Akunandaba ukuthi kukuphi, ngiyamthanda ngaphezu kwakho konke okukhona emhlabeni ngaleyondlela. Futhi inqobo nje uma ngimthanda kanjalo, yena uyangithanda ngendlela engenza ngayo, sizothembeka komunye nomunye.

45 Futhi inqobo nje uma uthanda iNkosi uJesu, akwenzi mehluko ukuthi mangaki amasabatha, noma ukudla inyama, noma ngabe yini ozofanele uyenze, uthanda nje iNkosi, lokho kuzokunakekela konke okunye kwakho, uma uthanda iNkosi, kuzokunakekela.

46 INkosi inibusise. Bengingaqondile ukuma lapha futhi nginitshele umlando wami siqu, kodwa nje ngifuna nazi ukuthi siphila nje singabafo abajwayelekile, njengoba nonke ninjalo. Futhi simunye ndawonye, futhi ngilapha njengomfowenu. Futhi ngiyethemba ngolunye usuku, uma iNkosi ithanda, futhi nonke nithokoza, futhi kuba sentandweni yeNkosi, ngingathanda ukuza kwenye yalezizindawo ngapha, futhi ngimise ithende futhi ngihlale cishe amaviki ayisithupha, ukuze nje sithathe imihlangano yabefundisi nakho konke. Ngiyabonga.

47 Ngingathanda ukuba nomhlangano wantambama nje emadodeni ayalanayo, futhi uma kungenjalo . . . ngendlela nje yezinto zikamoya engiziqondayo, isayense yezenkolo, angisuye uthisha, kodwa kubazalwane abayalanayo, futhi ngibatshele ukuthi kungenwa kanjani kulendlela kamoya kakhulu. Bese kuthi-ke ubusuku ngabunye . . . Futhi nje ngihlale isikhathi eside. Cishe ngesikhathi nje owejwayela ngaso, khona-ke ufanele uthi nisale kahle, lokho kukwenza kube kubi. Niyabo? Ngiyakuzonda ukwenza lokho. Ngiqala nje ukunazi kahle manje, futhi khona-ke sifanele sithi nisale kahle.

48 Kodwa kuyobakhona esinye isikhathi, bangane, uma singaphinde sihlangane ngakuloluhlangothi lomfula, lapho iSidlo sakusihlwa soMshado sesidekiwe, futhi sibukana ngale kwetafula, "Kubonakala sengathi bengifanele ngikubone, bekufanele ngikwazi."

"Yebo, ngangisemhlanganweni waseHarrisonburg."

49 Niyazi, unyembezi oluncane luzogeleza lwehle ezihlathini zethu ngenxa yenjabulo. Khona-ke iNkosi izophuma kubo bonke ubuhle baYo, izesule izinyembezi emehlweni ethu, ithi, "Ningakhali, konke sekuphelile manje, sekulungele." Ngibheke lolosuku. UNkulunkulu anibusise kuze kube yileyonkathi.

Ngaphambi kokuba sifunde iZwi, asikhuleke.

50 Nkosi ebusisiwe, o, sifuna kanjani ukuKubonga ngalomhlangano omkhulu. Kanjani ngihlezi phandle lapho emotweni ngilindele ukuzwa u*Kholwa Kuphela*, nabantu beshayela benyuka, futhi bejika, futhi ngisho bekhala izinyembezi ngoba abakwazanga ukungena, O Nkulunkulu, busisa izinhliziyo zabo ngokucebile. Siphe khona, Nkosi. Labo abampofu, abagulayo abangakwazanga ukungena, baphulukise bonke, Wena unguNkulunkulu, futhi nginikela lesisicelo esikhundleni sabo.

51 Busisa lesisigejane esihle sabefundisi, Nkosi, nehlelo labo, nenhlangano yabo, nalabo abangenayo inhlangano. Futhi siyezwa, Nkosi Nkulunkulu, kungakhathaleki ngamahlelo ethu, singabazalwane, sonke simunye eNdodaneni yaKho, uJesu. Futhi sikhulekela ukuthi Uzobusisa bonke abantu abangafundele lutho, onke amalunga alamabandla. Nkulunkulu, yipha ukuthi imvuselelo eyifeshini endala izobhoboka manje kulelizwe futhi nje ishanele amashumi ezinkulungwane zabantu bangene eMbusweni, kwenze, Baba.

52 Kwangathi amazwi engiwakhulumile ngobunye ubusuku abe yiqiniso: Emva kokuba sengihambile, abakhubazekile bazosukuma futhi bahambe, izimpumputhe zizobona, izifo, bazothola ukuthi baphilile, ngokuba sicela lezizinto, futhi, Nkosi, ngayo yonke inhliziyo yami ngiyazikholwa, futhi banjalo, nabo.

53 Wena wathi eZwini laKho, "Uma uzothi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuyenziwa, khona-ke ungaba nakho okushilo."

54 "Sekwenziwe," lentaba nqukuleka. Mhlawumbe uhlamvu olulodwa nje oluncane lweconsi lesihlabathi, ngenkathi sisho ukuba lunqukuleke, kodwa lusendleleni yalo, mhlawumbe kusasa isipunu esigcwele sizoqathaka, kodwa kusalokhu kusendleleni yakho, akuqapheleki neze, amathani angawa futhi abe esalokhu engabonakali, kodwa ngelinye ilanga iyoba yisicaba, ngoba sikushilo, uJesu wanikeza isithembiso.

55 Indoda ekhubazekile ingahle ingakwazi ngisho ukunyakazisa unyawo lwayo, kodwa isendleleni yayo yokuphuma, ikukholiwe, abagulayo bangahle bangazizwa behlukile, kodwa sikushilo, Nkosi, KuyiZwi laKho, Uzokuhlonipha, lingeke libuyele kuWe lilambatha, Lizofeza lokho Elahloselwa khona. Siphe khona, Nkosi, ukuthi bonke bazosinda.

56 Sikhulekela ukuthi Uzosivumela sibonane futhi. NgiyaKubonga ngokubeka phezu kwenhliziyo yalababantu abathandekayo ukunikeza lomnikelo encekwini yaKho kulobubusuku. Nkulunkulu, angiwufanele, kodwa ngikhulekela ukuthi Uzongivumela ngichithe wonke upeni enkazimulweni

yaKho. Siphe khona, Nkosi. Futhi lalela, kodwa ubabuyisele khona ngokuphindwe kabili ukukubeka ekhaya labo eNkazimulweni, futhi, lapho befika Lapho.

57 Phulukisa abagulayo kulobubusuku, khuluma kithi ngeZwi. Manje sinamakhasi eBhayibheli ephenyiwe, kodwa Munye kuphela ongahumusha, yiLowo OwaLilobayo, uMoya oNgcwele. Yiba seduze kwethu manje, Baba. Siphe uvuthondaba olukhulu enkonzweni kulobubusuku. Kwangathi konke ukwesaba, nakho konke ukuthuthumela, konke ukwethuka, yonke into ingaqhela emqondweni womuntu khona manje, ukuze uMoya waKho ungene lapha futhi usiphe uvuthondaba olukhulu ukwedlula lonke esake saba nalo kunoma yimuphi umhlangano. Siphe khona, Nkosi. Sicela lokhu, hhayi ngenxa yenkazimulo yethu, kodwa ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, nangeBandla laKhe. EGameni leNdodana yaKhe, uJesu, siyakucela. Amen.

58 Manje, eZwini elibusisiwe, ngifisa ukufunda ingxenye encane nje kulobubusuku; futhi nifunde sonke isahluko. Ngizophenya eNcwadini yeSambulo sikaJesu Kristu, esanikwa uJohane esiQhingini sasePatmose, A.D. 96. Esahlukweni 3 nevesi 20 ngifisa ukufunda. Okwesikhathi esifishane nje ukuze sikwazi ukufinyelela emgqeni womkhuleko ngesikhathi esihle.

> *Bheka, ngimi ngasemnyango, ngingqongqotha: uma umuntu ezwa iphimbo lami, avule umnyango, Ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.*

59 Akusona yini isimemo esimangalisayo leso na? Uma nje besingakala lokho, ukuthi kusho ukuthini! "Ngimi emnyango, ngingqongqotha." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]. . .ivesi 20, Wayekhuluma kulonyaka webandla, uNyaka weBandla laseLawodikeya, Wathi, "Uthi ucebile futhi kawuswele lutho;" kodwa wathi, "awazi, awazi, ukuthi umpofu, owokuhawukelwa, olusizi, ophuphuthekile, nohamba-ze, kanti kawazi." Cabanga ngalokho.

60 Benazi yini ukuthi sine. . .ibandla lamaKristu linezakhiwo zalo ezinkulu kunazo zonke elake laba nazo na? Niyazi ukuthi licebile kunalokho elake laba yikho na? Niyazi yini ukuthi banosiyazi bezenkolo ababedlula bonke abake baba nabo na? Ukuma kwalo, nemibhoshongo ecije phezulu emikhulu yalo efinyelela ngaseZulwini, ne-ogani yepayipi yesigidi samadola, amakhwaya alo agqoke izingubo ezinde, izifundiswa zalo ziphuma ziphucukile zisuka ekholiji ziya echashazini lakamuva impela, esingahamba siye emsamo futhi singenzi iphutha elilodwa lokubhalwa nokukhulunywa kolimi, ezingakhawula izintshumayelo zazo esikhathini *esiningi kangaka*, nenjulamqondo eningi kangaka kukho engabamba imiqondo yabantu kulowomcabango abanawo, kodwa nokho iBhayibheli lasho ukuthi simpofu, futhi silusizi, futhi siphuphuthekile, futhi sihamba-ze, futhi asikwazi.

61 Manje, ukuba indoda ibiphandle esitaladini, ubungathini nje umuntu ehla ngesitaladi, ompofu, owokuhawukelwa, ophuphuthekile, olusizi, nohamba-ze na? Manje, uma indoda isazi isimo sayo, izozama ukuzithuthukisa. Kodwa ingxenye edabukisayo yilapho ingakwazi, ayiqondi ukuthi ihambaze, icabanga ukuthi icebile, futhi i—igqoke kahle, futhi isesimeni sayo esihle kakhulu.

62 Manje, uma leyo kuyindlela uJesu achaza ngayo leliBandla ngalolusuku, usuku lwakamuva. . . Angiqondile nje leliqembu, ngiqonde ukuthi, ngikhuluma umhlaba wonke, ibandla lomhlaba wonke. Kukwesinye sezimo ezilusizi kakhulu, futhi alikwazi, bayacabanga, "Sihamba kahle, senza kahle. Ngani, kulonyaka si—sikhokhele *okuningi kangaka* ngezithunywa zenkolo phesheya kwezilwandle."

63 Angiqondile ukuba lula, ngiyisithunywa senkolo qobo lwami. Kodwa ingxenye elusizi kungenkathi omunye umama omdala ewasha ebhodini lokuwashela ukusiza ukusekela isithunywa senkolo ensimini, futhi lapho ufika laphaya ukubathola begibele bezungeza kwiCadillac efakwe isishayisamoya, futhi beshumayela enkopholo. Ngiyamangala ukuthi bangaki oDavid Livingstones ebengiyobathola; ngokusobala, ngibone oyedwa kuphela engambiza ngesithunywa senkolo, omncane, umfana okhubazekile ovela eRhodesia.

64 Elinye lamabandla amakhulu kunawo onke engilaziyo emazingeni amaProtestane, ngangehla ngivela e—eSouthern Rhodesia, futhi ngangikade ngisenhla lapho emhlanganweni, futhi ngabona leyopaspoti yaseMelika, kwakukhona amantombazanyana amathathu nomfana, ngase ngithi, "Ngiyabona ukuthi ninamapaspoti aseMelika."

Waphenduka wayesethi, "O, ukhuluma isiNgisi."

Ngathi, "NgingumMelika." Ngathi, "Niyini nina na?"

Wathi, "O, siyizithunywa zenkolo."

Ngathi, "Lokho kuhle." Ngase ngithi, "Nivelaphi na?"

Futhi babevela egcekeni lami elingemuva, cishe impela, lapho ikholiji labo elikhulu likhona. Ngase ngithi, "Kuhle lokho!" Ngathi, "Ngivela eJeffersonville, e-Indiana."

"O," wathi, "uvela khona na?"

Ngathi, "Senibe nesikhathi esingakanani ningapha na?"

Wathi, "Siya eminyakeni emibili."

Futhi ngathi, "Mingaki imiphefumulo eniyizuzele kuKristu selokhu ningapha na?" Wafihla ikhanda lakhe. Ngathi, "Bodadewethu, ngabe baningi enibazuzele uKristu selokhu ningapha na?"

Kodwa ngaphambi nje kokuba ngenze lokho, wathi, "Ubani igama lakho na?"

Ngathi, "UBranham."

"O," wathi, "nguwe owabangela lokho kushukuma okukhulu ezansi e-Afrika ezansi lapho, ezansi eNingizimu Afrika."

Ngathi, "Angazi noma kwakukhona ukushukuma noma qha."

Wathi, "Awu, sizwile ukuthi ubungumgingqiki ongcwele."

Ngathi, "Abahedeni abaluhlaza cwe abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu beza kuKristu kuthangi." Ngathi, "Lokho kungaphezu kwawo onke amabandla ethu akwenzile ekuthunyweni kwenkolo eminyakeni eyikhulu namashumi amahlanu laphaya. Futhi ngathola isithunywa senkolo, noma, abomdabu bangena nesigqebhezana entanyeni yabo njengesithunywa senkolo, e, njengamaKristu, bephethe isithixo ezingalweni zabo."

65 Futhi ngathi kuSidney Smith, imeya yaseThekwini, owayengikhiphela emzileni womjaho, i-Audia Park Race Course, lapho ikhulu namashumi amahlanu, izinkulungwane ezingamakhulu amabili zazibuthene khona, ngase ngithi, "Mnu. Smith, sichaza ukuthini leso sigqebhezana ezintanyeni zabo na?"

Wathi, "BangamaKristu."

Ngathi, "Futhi bephethe izithixo na?"

Wathi, "Awu, Mnu. Branham, ngingakhuluma ulwimi lwakhe, isiShangane." Wathi, "Ake simbuze nje, sikhulume naye." Wadonsela imoto yakhe eceleni kwesitaladi.

66 Ngase ngithi, "Sawubona, John?" Waphendula ngolwimi lwakhe. Ngase ngithi, "Ini . . .? Ngabe ungumKristu na?"

"O, yebo."

Ngathi, "Wenzani ngalesosithixo na?"

"O," wathi, "ubaba wami wayesiphatha." Futhi wathi . . .

Ngathi, "Awukholelwa kuNkulunkulu na?"

"O, ngiyakholelwa kuMoya." *UMoya* yi—yigama abalisebenzisayo lisho, "amandla angabonwayo," njengomoya ovunguzayo. "Ngiyakholelwa kuMoya."

Ngathi, "Kodwa kuthiwani ngesithixo na?"

Wathi, "Awu, uyabo," wathi, "ngelinye ilanga ibhubesi lalandela ubaba wami, futhi wasibeka phansi, lesisithixo, wabasa umlilo omncane, futhi washo umkhuleko inyanga-mthakathi eyayimtshele wona, nebhubesi labaleka. Manje, uma uMoya ehluleka, lokhu ngeke." Manje, lokho ngamandla okuqina obuKristu eNingizimu Afrika ngesithunywa senkolo.

Ngathi, "Ngiyijagter," (*Jagter* kusho, u "mzingeli.") "Ngizingela amabhubesi, nalesosithixo asizange sixoshe

lelobhubesi, umlilo waxosha ibhubesi, akukho lutho kulesosithixo."

"O, awu," wayesiphatha, noma kanjani.

67 Kodwa ngaleyontambama, ngenkathi bebone indoda ineketango entanyeni yayo, ingaphilile ngisho nangokwengqondo, yalethwa emsamo, noMoya oNgcwele usho ukuthi yayingubani, lapho ivela khona, ukuthi unina noyise wayengubani, watshela umfowabo ukuthi wayehamba ngezinduku zokuqhugela, futhi waphulukiswa ehlezi emuva ngqo kanjalo, futhi nakhu kufika umfana nezinduku zokuqhugela phezu kwekhanda lakhe, wayekade egibele imbuzi ephuzi, futhi wayelimaze umlenze wakhe eminyakeni ngaphambili, ngase ngibona umbono walendoda, ngase ngithi, "EGameni likaKristu, sukuma." Yayingaqondi, yacabanga ukuthi ngangifuna yenze umdanso, futhi yayisezansi lapho, ingagqoke zingubo, o, he, kwakungukubukeka okwesabekayo, neketango entanyeni yayo, beyihola njengenja, ihamba ngezinyawo nezandla zayo.

68 Ngaya ngale endodeni empofu, ngayibamba ngeketango ngase ngiyiphakamisa. Lokhu kwafakazelwa cishe abantu abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amahlanu. Futhi lapho, ngenkathi isukuma, emva kokuba wonke umuntu ethe uma yayizophulukiswa, babeyokwemukela uKristu, futhi yasukuma engqondweni yayo ekahle, nezinyembezi ziqathaka esiswini sayo esimnyama, futhi yemukela uKristu njengoMsindisi wayo, nabahedeni abaluhlaza cwe abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu baphosa isithixo sabo emhlabathini base besihlephula, base bemukela uKristu.

69 Esikhathini esingeside esedlule emhlanganweni waseKiwanis lapho engangikhuluma khona ebukhoneni bukaDkt. Davis, owangigcoba ebandleni leMissionary Baptisti owangitshela ukuthi ngangizoba ngumgingqiki ongcwele, futhi ngathi, "Dkt. Davis, okubiza ngomgingqiki ongcwele," ngathi, "okubiza ngobuhlanya kuzuze eminingi imiphefumulo kuKristu ngesikhathi esiyimizuzu emihlanu, kunayo yonke isayense yakho yezenkolo nokudlulisela incwajana obenakho eminyakeni eyikhulu namashumi amahlanu edlule."

70 "Uhamba-ze, owokuhawukelwa, uphuphuthekile, kanti kawazi." O, kuyadabukisa!

71 Ngathi kulowomfanyana nentombazane, ngathi, "Ubufanele ubuyele ekhaya ugeza izitsha zikamama wakho, unakekela izingane." Kunjalo impela.

72 Yehlela lapho futhi, wehlele enkopholo, futhi usho amazwi ambalwa kulabo bomdabu lapho benomdanso, futhi wedlulise izincwajana ezithile. Yini ompofu, owomdabu ongazi lutho

akwaziyo ngencwajana, ebe engazi ngisho ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele na?

73 Sehlulekise uNkulunkulu ngokudabukisayo. Ngani na? Yingoba uJesu wathi, "Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli." Akazange athi, "Hambani niye ezweni lonke futhi nakhe amabandla." Akazange athi, "Hambani nakhe izikole." Akazange athi, "Hambani nakhe amakholiji." Wathi, "Nishumayele iVangeli. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Sehlulekile!

> *. . .Ngimi ngasemnyango, ngingqongqotha: uma umuntu eyo. . .vula. . ., ngiyakungena kuye, futhi. . . ngidle naye, naye adle nami.*

74 Bekungaba yini lapho umuntu engqongqotha emnyango na? Uzama ukwenzani engqongqotha emnyango na? Uzama ukukwazi ukungena, uzama ukungena, unomlayezo wakho, unebhizinisi elithile ukuba akhuluma ngalo nawe. Nalokho kungqongqotha kufike ngamadoda amakhulu kusukela phansi eminyakeni.

75 Ukuba-ke uKesari omkhulu, uKesari Augustu wayehlele endlini yomuntukazana eRoma, futhi wayengqongqothe emnyango, lowomuntukazana wayeyovula umnyango futhi abone omkhulu, uKesari onamandla emhlonipha ukuba eze emnyango wakhe na? O, ubeyothi, "Kesari omkhulu, ngena, wamukelekile endlini yami. Noma yini lapha oyifunayo ingeyakho."

76 Noma ukuba-ke u-Adolf Hitler ongasekho, umholi waseJalimane, wayeyobe ehlele endlini yesosha elihamba ngezinyawo futhi wangqongqotha emnyango, nalelososha elincane, njengoba besingasho, elisafunda elincane, beliyoya emnyango futhi liwuvule, futhi nakho kumi umholi waseJalimane na? Beliyoma nendesheni futhi linikeze isaluthe saseJalimane, futhi lithi, "Mholi omkhulu, ungihloniphile ukuba uze endlini yami. O, ngena endlini yami ethobekileyo, Mholi omkhulu waseJalimane. Noma yini inceku yakho enayo oyifunayo, ungaba nayo."

77 Lapho wamukelekile, yileyondlela omenywa ngayo ukuba ungene. Uma ngifika endlini yakho futhi wathi, "Siyakwamukela, Mfowethu Branham," ngizozwa kuthi angingene. Uma bengifuna ukukhumula izicathulo zami bese ngicambalala nginqume embhedeni, bengiyokwenza, uma bengifuna ukuya ebhokisini leqhwa bese ngizenzela isemishi, bengiyohamba ngilenze. Uma ungemukela ngingene, ngizwa sengathi ngingomunye wenu, ngemukelekile. Impela.

78 Bese kuthi-ke ukuhlonishwa okunje pho! Niyabo, ukuthi kwenzani, akusuye o. . .hhayi. . .Akusikho ukungqongqotha okukwenzayo, yilowo ongqongqothayo, ngukubaluleka komuntu owenza ukungqongqotha.

79 Ukuba-ke kulobubusuku, uma umongameli omkhulu wase-United States, uDwight Eisenhower, kuthiwani ukuba uza eHarrisonburg, futhi waya endlini yomDemokrati obedlula bonke okhona edolobheni na? Ubuyozizwa uhloniphekile ukuba naye. Nakuba ungavumelananga naye kwezombusazwe, kodwa nokho ukuba nokuhlonishwa nguDwight Eisenhower emnyango wakho, bekuyoba ngukuhlonishwa kunoma yimuphi umDemokhrathi omuhle, impela, ngoba ngumongameli wase-United States, uyindoda ebalulekile.

80 Noma indlovukazi yaseNgilandi ivakashela nje lesisizwe. Ukuba-ke indlovukazi ibiyehlele endlini yakho, dadewethu na? Futhi ibingqongqothe emnyango, futhi ubuyovula umnyango bese uthi, "Ungubani na?"

Ibiyothi, "Ngiyindlovukazi yaseNgilandi."

81 Nakuba ungesiso isikhonzi sayo, nakuba ingahlanganise lutho nawe, kodwa ingowesifazane obalulekile, iyindlovukazi yasemhlabeni enkulu kunazo zonke emhlabeni, futhi noma ubani ubeyozizwa ehloniphekile. Ngani, amaphephandaba abeyokuqukatha yonke indawo, ithelevishini ibiyokukhombisa, ukuthi indlovukazi yaseNgilandi yazithoba ukuba ize yehle futhi ingqongqothe emnyango wendlu yomuntu othize ompofu.

82 Ubuyothini kuyo na? "O, Ndlovukazi, ngena phakathi." Futhi uma noma yini eyayiyifisa, yayingaba nakho, nakuba ubunento ethize ebiyigugu kakhulu obucabanga ukuthi, into yokuhloba encane noma okuthize, futhi nokho kwakuyi—yinto yomndeni eshiyelwanayo, nokho uma ikucelile, ubuyoyinika khona, ngoba iyindlovukazi. Futhi bekuyoba ngukuhlonishwa okukhulu kuwe ukwenza kanjalo, ngoba ingowesifazane osemqoka futhi iyoza endlini yami, noma endlini yakho.

83 Kodwa, o, ubani obaluleke kakhulu kunoJesu na? Futhi ubani oxoshiwe kakhulu kunoJesu na? Leyondlovukazi ingahle ifune okuthile, uHitler angahle afune okuthile, uDwight Eisenhower angahle afune okuthile kwakho, kodwa uJesu ufuna ukukunika into enhle ukwedlula zonke A. . . enganikwa wena, futhi nokho akukho-muntu oxoshwe eminyango kakhulu kunoJesu Kristu ongqongqotha emnyango wenhliziyo, Uxoshiwe.

84 Futhi nokho uma uvala umnyango ebusweni bendlovukazi, noma ukuba isosha elincane likaHitler laligaklaze umnyango ebusweni bakhe, uHitler wayeyolibulala, indlovukazi ibiyokuhlambalaza, u-Eisenhower, bekuyobhalwa emaphepheni ukuthi wenqabe uDwight Eisenhower. O, bekuyoba yihlazo elinjani pho!

85 Kodwa nokho, uJesu ungqongqotha emnyango, nabantu bacabanga ukuthi benza into ethize ehlakaniphile ngokuMxosha. Kuyiphutha elikhulu kunawo onke noma yimuphi umuntu ake alenza, ngukuguqula uJesu othandekayo

asuke emnyango wabo, lowo nguMuntu osemqoka kunabo bonke kulo lonke iPhakade ongangqongqotha emnyango wakho.

86 Uma u-Eisenhower engene endlini yakho, ubengakubuza umbuzo kuphela, noma—noma into efana naleyo, kodwa uma uJesu engena, Ufikela ukukulethela ukuPhila okuPhakade futhi asindise umphefumulo wakho, noma ukuletha into ethize enhle kuwe, kodwa nokho Uyaxoshwa.

87 Kodwa manje, uzothi kimi, "Awume kancane nje, Mfowethu Branham, ngavumela uJesu enhliziyweni yami eminyakeni eminingi edlule."

88 Awu, lokho kuhle, ngiyajabula ukwenzile, kodwa, niyazi, lapho ungena. . . uJesu ungena enhliziyweni, lowo ngumnyango wokuqala, kodwa-ke unayo yonke inqwaba yeminyango emincane yonke endlini yakho, enhliziyweni yakho, ikamelwana elincane nje eliyimfihlo *lapha* na*lapho*, nekamelo elincane *lapha*, uthi, "Manje, Ungangena, kodwa ungalokothi uwuvule *lowo* mnyango, Ungayi ku*lona*, kodwa Ungama khona *lapha*." Ungazizwa wamukelekile kakhulu na?

89 Kungaleyondlela ngamanye enu malunga ebandla, uMvumela nje angene, o, wena ufuna Yena abe nguMsindisi wakho, kodwa Ufuna ukuba yiNkosi yakho. I*Nkosi* nguku "busa." Ufuna ukuba nguMbusi wakho, hhayi nje uMsindisi wakho kuphela.

90 Ufuna Yena njengoMsindisi, kodwa kuthiwani ngokuba yiNkosi yakho ezokulawula, ilawule amadlingozi akho, ilawule ukucabanga kwakho, ilawule yonke imisipha yakho obungayisho njengendoda eminyakeni eyadlula eyaMngenisa, "Ngokuba kimina ukuphila kunguKristu nokufa kuyinzuzo"? Mngenise ngaleyondlela ukuba abe nguMbusi neNkosi phezu kwakho.

91 Manje ake sibuke kulenhliziyo yethu kancane nje, niyazi, lapho uJesu engena, kukhona umnyango omncane, uphendukela kwesokudla sakho enhliziyweni yomuntu, futhi lowo ngumnyango omncane abangafuni-muntu ozilulaza ngawo, lowo ngumnyango wempilo yakho yangasese.

92 "Manje, Nkosi, Ungangisindisa ekuyeni esihogweni, kodwa Ungazilulazi ngempilo yami yangasese, ngeke nje ngakumela lokho! Manje, ngizo. . . Ngingowenhlangano yamakhadi ezansi lapha lapho bedlala khona amakhadi njalo ngoLwesithathu ntambama, futhi lelo yiqembu labangani lami uqobo, futhi angifuni Ungitshela noma yini ngalokho. Uma Ukhuluma nganoma yimuphi umshumayeli, ngeke ngibuyele emuva ukuyomuzwa futhi."

93 Impilo yangasese, o, sinenqwaba yalokho. *IMpilo Yami Yangasese*.

94 "Manje, uma ngifuna ukwenza izinwele zami zibukeke njengendoda, lowo akusiwo umsebenzi waKho, lena yimpilo yami yangasese. Umshumayeli ake asho noma yini ngakho, angisophinde ngibuyele emuva futhi."

95 *Impilo Yami Yangasese*. Awunakho ukuphila, ngingakutshela manje ukuthi okubiza ngokuphila ngukuphila okuphendukezelwe futhi kunesiphelo. Ibandla alikudingi ukuphakanyiswa kokukholwa, lidinga ukufa nokuzalwa. UNkulunkulu wawulahla lowomoya ensimini yase-Edene. Futhi umuntu ufanele azalwe ngokusha futhi avumele uKristu abe yiNkosi noMbusi wobuntu bakhe. Impela. Kodwa, o, awumfuni uKristu ezilulaza ngempilo yakho yangasese, lokho nje ngeke kusebenze.

96 Khona-ke kukhona omunye umnyango omncane, sizoyishaya ngokushesha ngoba sinemizuzu embalwa nje, omunye umnyango omncane obizwa ngo*Bugovu*. "Ngizovumela uKristu angene, uma . . . Yini engiyithola kukho na?" O, injongo enje pho! "NgizoMngenisa, uma—uma Uzongethembisa *lokhu*, ukuthi ngizokwazi ukuya ebandleni elingcono kunalelo engiya kulo, uma ukuma kwami emphakathini kuzoba ngcono kancanyana." Bangaki abantu abakusebenzisayo lokho! Kuyihlazo kanjani ukusebenzisa lokho!

97 Khona-ke kukhona omunye umnyango omncane obizwa ngo*Bandlululo*. O, abantu bathanda kanjani ukuwugodla lowo! Abafuni uNkulunkulu avule lowomnyango. "Manje, ngizokutshela manje, wenza okuthile kimi, futhi ngeke ngikhulume naye esitaladini, qhabo, mnumzane. Uyaphuma, ulengisa izingubo zakhe zokugqoka nsuku zonke, kodwa ngeke ngikhulume nomdala ongenasimilo, qhabo, mnumzane." O, he!

98 INkosi izothi, "Kunomshumayeli ohlala ezansi nesitaladi ongakaze ukhulume naye, futhi wamgwema ngolunye usuku ngenkathi ehla ngesitaladi, futhi awuzange ukhulume naye."

"Manje, buka lapha, Nkosi, Ungahambi ukuyobhekana nalokho, ngoba ngiyakutshela, akasuye owehlelo lami."

99 Linye kuphela iBandla. Sengibe semndenini wakwaBranham iminyaka engamashumi amane-nesishiyagalombili, futhi abazange bangicele ukuba ngijoyine umndeni, ngazalwa emndenini wakwaBranham. Futhi yileyondlela oba ngayo ngumKristu, uzalwa eBandleni likaNkulunkulu ophilayo. Kodwa awufuni muntu . . . "Nginobandlulo kancane ngokukholwa kwami," awukabi nakho okuningi kakhulu, "kodwa nje ubandlululo oluncane, uyabo, ngoba abantu oza ebandleni lami bagqoka kangconywana kunoma benza kuleyomishini ezansi lapho."

100 Bafuna kanjani ukuhlekisa ngezimishini ezincane! "O, lelo yileloqembu elehlela lapho emishini. Ngani, ngibona labobantu

begqoke izingubo ezifanayo ngaso sonke isikhathi." Kodwa bagqoke izingubo ongeke wazibona ngeso lakho lemvelo.

101 Lapha esikhathini esithile esedlule, isitshudeni esisesincane sasisekholiji. Umama omdala ompofu wacabanga ukuthi umntwana wakhe wayezoba ngumfundisi, ngakho wamthumela ngale ekholiji ukuba afunde ukuthi angaba ngumshumayeli kanjani. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . wayewasha. Futhi ngolunye usuku umama omdala waba nenyumoniya, futhi ngakho wathumela ithelegramu endodaneni yakhe.

102 Udokotela wathi, "Uma lokho . . . Omabili amaphaphu aminyene, futhi uma unanoma yimuphi wabathandekayo bakho, kungcono ubangenise."

103 Ngakho umhlengikazi wathumela endodaneni yakhe, wathi, "Yima ngomumo. Uma imfiva kamama wakho inganqamuki ekuseni, uzofanele uze, yilokho kuphela."

104 Umfana wama ngomumo futhi akabange esaphinda ezwe, ezinsukwini ezimbalwa, wathola incwadi evela kunina, yathi, "Ngikahle nje, Ndodana."

105 Cishe sekungunyaka kamuva, umfana uvakashela ikhaya lakhe, futhi emva kokuba esemangile umama wakhe ngenkathi engena, futhi wathi, "Mama, bekunento eyodwa ebengihlala njalo ngilangazelela ukukubuza yona." Wathi, "Ngenkathi ugula kakhulu ngaleyonyumoniya," wathi, "kwenzekani na? Wangitshela ukuba ngime ngomumo, futhi khona-ke angizwanga kuwe iviki, futhi khona-ke ubusukahle. Ukunike ini udokotela na?"

Wathi, "Wangidela."

"Ngani," wathi, "wasinda kanjani na?"

Wathi, "Ndodana, kukhona engifuna ukukutshela khona." Wathi, "Uyazi lapho lesositolo esidadlana sasivame ukuba khona ezansi lapho ngasemhubheni na?"

"Yebo."

106 Wathi, "Kunesigejane sabantu abangena lapho, bazibiza ngeFull Gospel." Futhi wathi, "Babesezansi lapho benomhlangano womkhuleko ngobunye ubusuku, ubusuku engangigula kakhulu ngabo, nomlayezo, bathi, ufika kubo futhi wathi kwakukhona owesifazane phezulu lapha ogulayo. Elinye lamanenekazi lenyuka lase lingibuza ukuthi ngiyakholelwa yini ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Ngalitshela ukuthi ngangikholwa noma yini uNkulunkulu ayenayo." Futhi wathi, lathi kuye, "'Awu, umelusi wethu ukhulekela abagulayo, ubungathanda ukuba akhuphuke na? Ngizomenza ukuba eze.'"

Wathi, "Impela."

"Ngakho umelusi uyenyuka," wathi, "futhi wangigcoba ngamafutha. Futhi bonke baguqa bazungeza umbhede futhi

bangikhulekela." Futhi wathi, "Ndodana, ngakusasa ekuseni ngangisindile," wathi, "UNkulunkulu ungiphulukisile." Wathi, "O, malibongwe iGama laKhe!"

Umfo osemncane owayekade enaloluketshezi lokugqumisa lubekwe kuye, futhi wathi, "O, Mama, ngani, ihlazo elinje pho! Ngani," wathi, "wazi kangcono kunalokho!"

Wathi, "Qhabo, angazi, Ndodana."

Wathi, "Ngani, lokho . . . Ayisekho into okuthiwa ukuphulukisa." Wathi, "Sifundile ukuthi ekolij- . . ." (Amathuna, konke kuyafana, kulungile.) "Safunda ukuthi ekholiji ukuthi ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu."

107 "O," wathi, "Ndodana, usuleyithi kakhulu ukungitshela lokho," wathi, "Sengivele ngiphilile." Futhi wathi, "Ngenkathi ngiya kudokotela, futhi wamangala, naye, futhi wathi, 'Awu,' wathi, 'ubashintshile odokotela na?'"

Wathi, "'Yebo.'"

"Wathi, 'Awu, usebenzise muphi udokotela na?'"

Wathi, "'UDokotela Jesu.' Ngakho udokotela wenwaya ikhanda lakhe, wayesethi, 'O, ngabe kunjalo na? Usebenzela kuphi na? Angikholwa ukuthi ngake ngezwa ngaYe.'" Bakude kangako-ke.

108 Futhi wathi, "Mama, ungalokothi ukholwe yinto enjengaleyo!" Wathi, "Ucabange ukuthi lowomshumayeli wafunda kuphi na?"

Wathi, "KuMarku 16, 'Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.'"

109 "O," yena . . . wathi, "Mama, leso yisigejane esingafundile," wathi, "labobashumayeli abazi kakhulu kangako," wathi, "abanayo imfundo yasekholiji. Manje," wathi, "safunda ekholiji ukuthi uMarku 16 kusukela evesini 9 kuqhubeke akaphefumulelwe."

Wathi, "Haleluya!"

"O," wathi, "Mama, uziphathisa ngisho okwabo!"

"Ngani," wathi, "haleluya!"

Wathi, "Yini indaba ngawe, Mama na?"

Wathi, "Bengicabanga nje, uqonde ukungitshela, ndodana yami, ukuthi yilokho enikufundile kuleminyaka emithathu ekholiji, ukuthi uMarku 16 kusukela esahlukweni 9 kuqhubeke akaphefumulelwe na?"

Wathi, "Kunjalo," wathi, "Mama, lokho kuyiqiniso."

"Awu," wathi, "akabongwe uNkulunkulu!" Wathi, "Uma uNkulunkulu ubengangiphulukisa ngomBhalo

ongaphefumulelwe, Ubengenzani ngalowo ophefumulelwe ngempela na?"

110 Lokho kuthi akube yindlela yakho. Uhambaze, nokho uthi ucebile. Leyo encane, ingxenye yangasese, leyonto ongafuni ukuzehlisa isithunzi ukuba wehle nomunye umuntu, wehle ehhashini eliphakeme.

111 Awu, nginitshela lokhu: ukuthi lenkolo yakudala izokwenza i—isudu yedina igaxe ipheya lama-ovaloli futhi ilibize ngomfowethu, iyokwenza ingubo kasilika igone ukaliko bese ithi, "Dadewethu," impela kuyokwenza lapho uNkulunkulu engena enhliziyweni ukuba abe yiNkosi. Sonke sisezingeni elilodwa. Impela.

112 O, kukhona omunye umnyango omncane engingathanda ukuba, ake sibheke kuwo, lowo ngumnyango woku*Kholwa*, u-k-u-k-h-o-l-w-a. O, uzisho ukuthi unokukholwa, kodwa, uyazi, lapho uJesu eba yiNkosi yokukholwa kwakho, khona-ke onke amaZwi aKhe aba ngokoqobo kuwe.

113 Yingalesosizathu abantu bengenakukholelwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nokho bangamalunga ebandla lamaKristu, banoJesu emnyango. Kodwa ukuba Ubengama kulowomnyango omncane wokukholwa, Ubeyoba ukukholwa kwakho, Uyoba yiNkosi yokukholwa kwakho. Futhi angikwazanga ukucabanga ukuthi iNdoda Eyaloba iBhayibheli, iyaphenduka futhi iphike iBhayibheli, iphike uMbhalo waKhe uQobo futhi ibe isalokhu inguNkulunkulu. *Ukukholwa*, ngeke bavumele umnyango uvuleke.

114 Manje-ke kukhona omunye futhi umnyango omncane ngaphambi kokuba sivale, futhi lowo ngumnyango wamehlo akho. Wathi, "Uphuphuthekile futhi kawazi. Ngiyakululeka ukuba uthenge kiMi umuthi wamehlo, ukuze Ugcobe amehlo akho ukuba ubone." Uma ubungake uvule amehlo akho, khona-ke uzoqalaza futhi ubone ukuthi simo sini okuso.

115 Umshumayeli othize wathi kimi esikhathini esithile esedlule, wathi, "Angikhathali ukuthi uthini, angikholwa ukuthi ikhona into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu."

Ngathi, "Akusikho okwakho, akusikho okwabangakholwayo, kungokwalabo nje abakholwayo, akwenzelwanga wena, Wathi labo abakholwayo, akusikho okwabangakholwayo."

Futhi wathi, "Khona-ke ngishaye ngobumpumputhe!"

Ngathi, "Usuvele uphuphuthekile."

Wathi, "Ngiqonde njengaseBhayibhelini."

Ngathi, "Yilokho engikhuluma ngakho." Ngathi, "Ngizosho kuwe khona impela nje iNkosi yami eyakusho kubaba wakho: 'Buyela emva kwami.'" Kunjalo.

Wathi, "Kodwa lowomuntu wayephuphutheke ngokomzimba ngenkathi iBhayibheli libhekisela kukho."

Ngathi, "Ngenkathi u-Elisha ehlela eDothani, futhi konke ukusa okulandelayo ngenkathi uGehazi evuka, wathi, 'Baba wami, yonke impi yamaSiriya isihaqile sonke.'

"Lowomprofethi omdala wavuka futhi wahlikihla amehlo akhe ebuthongweni, wathi, 'Ukhuluma ngani na?'

"Wathi, 'Buka impi nje! Umuzi wonke uvinjezelwe!'

"Umprofethi omdala ezothile nje ngakho konke wathi, 'Ngani, baningi abanathi kunalabo abanabo.'

"'Ngani,' wathi, 'Angiboni muntu, wena nje nami.'

116 "Nalowomprofethi omdala welula isandla sakhe, wayesethi, 'Nkulunkulu, vula amehlo alensizwa.' Futhi ngenkathi uNkulunkulu evula amehlo akhe, ngakulowomprofethi omdala kwakumi iziNgelosi zoMlilo, nezintaba zazivutha, nezinqola zoMlilo.

117 "Khona-ke wathi, 'Uyabona ukuthi kulula kanjani na? Ngiphumela lapho futhi ngishaye bonke labobantu ngobumpumputhe.'

118 "Futhi waphuma, wabashaya ngobumpumputhe, wathi, 'Nifuna u-Elisha na?'

"Bathi, 'Yebo, yilowo esimfunayo.' Babephuphuthekile. Awu, bathi, 'Khehla elinobuhwanqa obude, sitshele ukuthi u-Elisha ukuphi.'

"'Niyafuna ukumthola na?'

"'Yebo.'"

119 "Wathi, 'Wozani.' Futhi bonke babemazi, kodwa babephuphuthekile. Wathi, 'Wozani, ngilandeleni, ngizoniyisa khona lapho ekhona.' Wayazi lapho amabutho akwa-Israyeli ayeqamekele khona, wavele nje wabahola ngqo phakathi nendawo. Wathi, 'Manje, ngingu-Elisha, vulani amehlo enu.'"

120 Uphuphuthekile futhi kawazi! Niyazi, yileyo indaba ngebandla, liphuphuthekile futhi kalikwazi.

121 Umkhulu wami wayengu—umzingeli omdala, futhi wayevame ukucupha futhi azingele amagqalashu. Ngathenga umsila omncane, omunye ngolunye usuku esitolo sezinto zikasheleni kwencane, intombazane engumAmish, ukuwuyisa kuJoseph wami ukuwufaka ebhayisikilini lakhe—lakhe elincane. Nomkhulu wayebamba amagqalashu, futhi ngenkathi ekhipha amafutha, wayenza uhlobo oluthile lukagrisi ngawo uMama ayewugcina ekanini.

122 Futhi sasihlala endlini endala eyayinezingcezu zamapulangwe. Niyazi ukuthi yini izingcezu zamapulangwe na? Futhi sasivame ukubeka useyili phezu kwethu ebusuku lapho

lalikhithika ukuvimbela iqhwa ebusweni bethu. Ubungabuka nje izinkanyezi kuwo ngqo lawo mapulangwe amadala.

123 Futhi sasithola amakhaza amabi, futhi kwakuhlala emehlweni ethu, thina zinganyana ezincane. Futhi uMama, njalo ekuseni lapho eza embhedeni futhi amehlo ethu onke ayenobhici, wayekubiza kanjalo, ubhici lonke emehlweni ethu, kwakungamakhaza emehlweni ethu, wayehla futhi athole ugrisi wenyamazane efana negqalashu omdala kaMkhulu, futhi wayekhuphuka, futhi ahlikihle amehlo ethu futhi awabhucunge ngogrisi wenyamazane efana negqalashu. Futhi kukholwe noma qha, emizuzwini embalwa lonke ubhici lwase lungasekho emehlweni ethu futhi sasikwazi ukubona.

124 Manje, niyazi ukuthi yini indaba ngebandla na? Belibanda kakhulu, selize laba nomkhuhlane wokomoya, futhi kuzothatha okungaphezu kukagrisi wenyamazane efana negqalashu ukuvula amehlo akho, kuzothatha amafutha kaMoya oNgcwele namandla okuvuka kukaKristu ukususa ukubanda ebandleni futhi avule amehlo abo ukuze babone uBukhona beNkosi uJesu. Mvumele avule amehlo akho, UnguMoya oNgcwele, uMuntu wesithathu kaziqu-zintathu lapha kulobubusuku ukugcoba amehlo akho ngomuthi wokugcoba amehlo kaNkulunkulu, vula amehlo akho.

125 Niyazi ukuthini? Abantu baseMelika ba. . .bafuna ukubungazwa. Bafuna ethize encane, ingcweti yaseHollywood nezinwele ezimayakayaka, futhi igqoke sengathi angazi uk'thini ukuphuma futhi yenze umbungazo, ngoba yilokho okubonayo kwithelevishini yakho. Ngingumshumayeli oyifeshini endala oyedwa nje okholwa ukuthi akukho-khambi ngaphandle kweGazi likaJesu Kristu. Kunjalo.

126 Sengiyakhathala ngidinwe kakhulu yilobu buvangeli baseMelika baseHollywood obuhamba izwe lonke nezindandatho zedayimane, nabesifazane abanezinwele ezimfishane, futhi beya ngaleya, beqhubeka nje, futhi beshaya izigubhu ndawondawo, futhi begxuma phansi naphezulu, kuyihlazo. Sidinga eyakudala, imvuselelo kaPawulu oNgcwele noMoya oNgcwele weBhayibheli emuva ebandleni nomunye umuthi wokugcoba omuhle ngempela kaMoya oNgcwele ukuvula amehlo abantu. Lelo yiqiniso, uvule amehlo ethu.

127 Khona-ke lapho into yangempela ifika, abantu baphuphutheke kakhulu abakwazi ukukubona. Futhi uNkulunkulu ube nomusa kakhulu kithina bantu, ukuthi sekujwayelekile kithi. UNkulunkulu, kukho konke ukubanda kwethu, ukunganaki, Uthumela umusa waKhe.

128 Lapha esikhathini esithize esedlule indoda yayifuna ukuba nogqozi, futhi yehlela olwandle ukuba ibe nogqozi, futhi endleleni yayo eyehlayo yahlangana nosawoti omdala ebuya,

itilosi elidala elalihlala olwandle, lazalelwa olwandle, futhi lathi, "Muntu wami olungileyo, uyaphi na?"

129 Yathi, "Mnumzane, ngehlela olwandle ukuba ngibe nogqozi. O, ngifuna ukuhogela umoya onosawoti, ngifuna ukubona ulwandlekazi olukhulu lapho lushaya amagagasi alo amakhulu, amhlophe, anosawoti, futhi ngibone ukubonakaliswa kwesibhakabhaka emanzini alo aluhlaza, ngifuna ukuzwa ukumemeza kwezinyoni zasolwandle. O, ngiqinisekile ukuthi ngizoba nogqozi lapho sengifika olwandle. Bengilangazelela ukulubona yonke impilo yami, bengilangazelela ukubona ulwandle."

Nosawoti omdala wathi kuye, "Awu, ngazalelwa kulo, futhi ngintweze ezilwandle eziyisikhombisa, futhi angiboni lutho olufaka ugqozi ngakho." Ngani na? Lwalukwejwayele kakhulu.

130 Yileyo indaba ngebandla lePentecostal nawo onke namhlanje, nijwayele kakhulu ukubona amandla kaNkulunkulu, nenkazimulo kaNkulunkulu, nokulunga kukaNkulunkulu, uze ungabe usakunaka nhlobo, kunjalo, kuba yinto ejwayelekile.

131 Yingalesosizathu i-Afrika, iNdiya, nalezozizwe lapho ezingazi lutho ngakho, okokuqala nje uNkulunkulu enza noma yini, o, he, baya ngezinkulungwane kuKristu, abakaze bakubone njengoba sikubonile. Kodwa izinsuku zethu sezithi aziphele nje, futhi sekuyasuka lapha manje, kuya kulawomazwe. Impela, kunjalo.

132 Ezansi eLouisiana, hhayi kude nalapha, kwakukhona iNigro elidala ezansi lapho eligama linguGabe. Manje, yena. . .Sasimbiza ngoGabe, kodwa igama lakhe—lakhe kahle kahle kwakunguGabriel. Futhi wayengumfo omdala olungileyo, kodwa nje akakwazanga ukuhlala emgqeni nebandla naneBhayibheli.

133 Umkakhe wayengumKristu othandekayo, wakhulekela uGabe omdala ngaso sonke isikhathi. Nomelusi wayeyindoda elungileyo, umelusi oyikhaladi, futhi wayeyindoda ekahle, egcwele uMoya kaNkulunkulu, wayenoMoya oNgcwele. Nomelusi wayengumzingeli futhi kanjalo noGabe, futhi babethanda ukuzingela ndawonye, kodwa uGabe omdala wayengakwazi ukunemba impela, wayengakwazi ukushaya lutho.

134 Ngakho ngoluny'usuku umelusi noGabe omdala bahamba bayozingela, futhi ngalolosuku besazingela, o, babulala izinyamazane eziningi kakhulu, kwaze kwathi ngenkathi beqala ukubuyela emuva ngalobobusuku, babesindwa izinyoni nje, nonogwaja, nazo zonke izinhlobo zezinyamazane. Nelanga lase liyoshona, lishona entshonalanga, futhi babekhuphuka ngendlela yezinyawo endadlana ejwayelekile, nomelusi ehamba

ngaphambili, engakwazi nje ukuhamba, uGabe omdala ehamba ngemuva esindwa yizinyamazane.

135 Futhi emva kwesikhashana umelusi wezwa isandla sakhe esikhulu sibekwe ehlombe lakhe, wathi, "Mfundisi," nomelusi wama. UGabe omdala wabuka ngale ngaselangeni, wase-ke ebheka emuva.

Nomelusi wabona izinyembezi zehla ezihlathini zakhe, wayesethi, "Yini indaba, Gabe na?"

136 Wathi, "Melusi, lona nguMgqibelo, ekuseni uzobona lendoda ezansi ebhentshini *labalilayo*. Khona-ke *mina u*khuphuka kulelobhentshi *labalilayo*, ngizozitholela isihlalo kulelobandla eceleni komkami ongcwelisiwe, lapho Ngiyoba yilunga ngize ngife."

137 Umelusi wama umzuzu, wayesethi, "Gabe, uyazi ngiyajabula ukuzwa lokho. Ngani," wathi, "ngikukhulekele kangakanani, nokuthi lelibandla likukhulekele kanjani, ukuthi sikuthathe kanjani futhi sakwenzela izinto ezinhle, uhlale ebandleni futhi wezwa inkonzo yami . . . " [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

138 Yingalesosizathu imilayezo iqine kakhulu futhi iqonde ngqo ephuzwini.

> . . .*Ngimi ngasemnyango, ngingqongqotha: uma umuntu ezwa iphimbo lami, futhi* uzovula *umnyango, ngiyakungena kuye* . . .

139 O, lokho ukulunga uNkulunkulu abe yikho kini, ukuthi iNkosi uNkulunkulu iza kanjani lapha ubusuku nobusuku, ezibonakalisa Yena uqobo ephila ngokuvuka kweNkosi uJesu, ekwenza futhi enza imisebenzi efanayo Ayenza ngaphambi kokuba Ashiye lelizwe, ebuyela manje esimweni sikaMoya oNgcwele, enza imisebenzi efanayo eMelika yonke, nabantu baye bahlala phakathi, behlafuna ushingamu, futhi bathi, "Yebo, lokho kuhle impela, Mfowethu Branham." Lokho nje ngukuthakasela. "O, yebo. O, uma usiklabalasela kanzima kakhulu, sizolinda futhi sibone u-Oral Roberts; uma esilandela, sizoya kuBilly Graham." Ukubungazwa nje!

140 Awazi ukuthi Muhle kangakanani kuwe, Akadingi ukwenza lezizinto, Akadingi ukwenza ukubonakala kwaKhe. Isizathu sokuba Akwenze, ngoba Wethembisa ukuthi Uyokwenza, futhi Muhle futhi ugcwele isihawu. Akunandaba ukuthi uMphatha kanjani, Uzobuyela ngqo emnyango angqongqothe futhi. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti—Umhl.] O, Makeze kulobubusuku, Makangqongqothe emnyango wenhliziyo yethu kulobubusuku kanye futhi, khona-ke asivule izinhliziyo zethu, futhi sithi, "Yebo, Nkosi Jesu, manje ngiyakholwa."

141 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Ngesizotha manje, ngiyamangala kulesisikhathi esijulile somkhuleko,

angazi nje ukuthi uNkulunkulu ubengangqongqotha yini enhliziyweni yomunye khona manje. Ngifuna ukukubona ngaphambi nje kokuba ngishiye idolobha lenu elihle. Ngingahle ngingakwazi ukuphinde nginibone futhi empilweni, ngilungiselela ukuya e-Afrika manje naphandle emhlabeni jikelele.

142 Kodwa ngi—ngi—ngiyamangala nje ngiselapha, njengomfowenu, ngiyazibuza nje uma uNkulunkulu engqongqothile enhliziyweni yakho noma ngasiphi isikhathi kulomhlangano, futhi ethi, "Mntwana waMi, maNgingene egumbili lakho. Ma—maNgingene emnyango, bese kuthi-ke nje uma Sengivele ngingenile, khona-ke maNgibe nemvume yokungena. Ake ngengamele konke lokho kunganaki, lokho kuziqhenya, ake Ngengamele leyompilo yangasese, maNgime emnyango wokukholwa kwakho, khona-ke uma ungakwazi ukuqonda lezizinto futhi ucabanga ukuthi ziyimfihlakalo kakhulu. . . "

143 Wena uthi, "Awu, angazi, Mfowethu Branham, ukuthi lokho bekuyoba ngokulungile noma qha."

144 UNkulunkulu makagcobe amehlo akho kulobubusuku ngomuthi waKhe wokugcoba amehlo. Ungekwenze na? Sisakhothamise amakhanda ethu, bangaki abazophakamisa izandla zenu futhi bathi kuNkulunkulu ngalokhu, "Ngifuna Ugcobe amehlo ami, Nkosi, ngifuna ukubona u—ukuvuka kweNkosi uJesu"?

145 UNkulunkulu akubusise, nenekazi, elihlezi lapho, ukhophozela, ukhala, impela. UNkulunkulu akubusise, nenekazi, yebo, uhlezi lapho wesula amehlo akho. Omunye phakamisa isandla, bese uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi." UNkulunkulu akubusise, ntombi emuva lapha. UNkulunkulu akubusise ngapha, mnumzane, wena ndoda encane lapha, wena nenekazi, wena, nawe. Wena emuva lapho, emuva le, yebo, uNkulunkulu akubusise.

146 O, "Ngimi e. . . " UNkulunkulu akubusise phezulu lapho kuvulandi osesitezi. "Ngimi emnyango ngingqongqotha. . . " UNkulunkulu akubusise, nsizwa ehlezi phansi lapha, nje ezimpambanweni-mgwaqo zokuphila. "Ngimi emnyango, ngingqongqotha: uma umuntu ezozwa iPhimbo laMi, futhi ezoza, avule umnyango, Ngizongena, futhi Ngizodla naye, ngihlale phansi etafuleni, Ngizokwenza nje zonke izimfihlakalo zaMi zaziwe kuye."

147 O, ukuba uNkulunkulu kuphela ubengasingenisa, njengoba Enza kuKleyophase nalabo ababehambe naYe usuku lonke! Wayebafundisile futhi washumayela kubo usuku lonke, futhi babesalokhu bengazi ukuthi WayenguBani. Kwase kuthi-ke ngenkathi Esebafake ngaphakathi, njengoba Enawe manje, bevalelwe, khona-ke Wazembula Yena uqobo, amehlo abo

avuleka. Ngani, babebuke usuku lonke gulukunqu, babebuke ngqo ebusweni baKhe, kodwa babengaMazi. Namehlo abo avuleka, base bethi babazi ukuthi kwakuyiNkosi. Niyabo, ngokushesha Wayenyamalele emehlweni abo. Babuyela emuva ngqo, bethi, "Qiniso, iNkosi uJesu ivukile kwabafileyo."

148 Nifuna amehlo enu avuleke ukubona ukuthi lolu wusuku lokugcina, ukubona ukuthi lokhu ngukuphela konyaka na? UNkulunkulu usebenzana nabeZizwe manje, lokhu kuzoba ngokokugcina ukuhambahamba, into elandelayo ngukwahlulelwa. UNkulunkulu akubusise, nsizwa, ohlezi khona impela nje eminyakeni emihle yokuphila, ibhungu, uthatha umgwaqo ongcono kunayo yonke owake wayithatha, ndodana, umama nobaba bazojabula ngempela ngawe, baziqhenye ukwazi ukuthi indodana yabo iphakamise isandla sayo futhi yemukela uKristu.

149 Ngolunye lwalezizinsuku lapho lowomthambo uma nse, ukufa kukhuphuka ngomkhono wakho, uyabanda, bonke abangane bakho bemi bezungezile, akukho namunye wabo ongakwenzela lutho ngaleyonkathi, mhlawumbe engozini yemoto wophela ukufa, ngaphansi kwemoto, umlilo ukushisa, uminze emanzini, into ethize ikubulala, uzokhumbula, "Ngaphakamisa isandla sami ngobunye ubusuku kuJesu." Leyo yinto yobuqhawe obukhulu kakhulu owake wayenza.

150 Omunye futhi ngaphambi nje kokuvala na? Omunye futhi na? UNkulunkulu akubusise. Omunye emuva lapho na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Kunjalo, phakamisa isandla sakho ngqo kanjalo. UNkulunkulu akubusise phezulu lapho ebal-. . . Yebo, nenekazi, yebo, uNkulunkulu abe nawe. Emuva phakathi lapha, uNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise ngapha, emuva ngalendlela, ngemuva kwami, phandle kovulandi abasesitezi, phandle, noma, hhayi kuvulandi osesitezi, ngiqonde endaweni ongenela kuyo, uNkulunkulu akubusise, Uyasibona isandla sakho, ngisho noma usemva kweminyango lapho, futhi angiboni ngaphandle kwalelofasitela elilodwa elincane, Uyasibona isandla sakho.

Manje asikhuleke.

151 Baba waseZulwini, o, Umkhulu kangaka! Ume emnyango lapha kulobubusuku, nabanye abantu abangamashumi amahlanu noma ngaphezulu, mhlawumbe amashumi ayisikhombisa-nanhlanu, baphakamise izandla zabo ukuba baKwemukele, bazi ukuthi Ungqongqothe emnyango wabo. Kulotshiwe eZwini ngeNkosi yethu, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Wonke oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle."

152 Nkosi, bayizithelo zomlayezo. UJesu, emi emnyango wenhliziyo. Imvuselelo yengxenye yami lapha iyavala ngalokhu ukuhlala komhlangano. Nkulunkulu, ngijabula kakhulu baphakamise izandla zabo. Manje ngibanikela kuWe khona manje.

153 Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu uzobavumela baye kwelinye lalamabandla lapha ndawondawo, ibandla elihle elifundisa iBhayibheli, noma yiliphi ibandla lokuzikhethela kwabo, futhi akhulume nomelusi, futhi athi, "Melusi, bengisezansi emhlanganweni ngobunye ubusuku, ngiphakamisele isandla sami kuKristu. Ungengibhaphathize manje ekukholweni komKristu na? Ngifuna ukuhamba koqondile, umgwaqo omncane, futhi ngibe yisikweletu komakhelwane bami nakubo bonke engixhumana nabo, futhi ngikhonze uNkulunkulu, ngokuba ngiyaMthanda."

154 O Nkulunkulu, lowomelusi, uzojabula ngalokho. Futhi uzonakekela umntwana waKho, ngiyakholwa, Nkosi, njengomSamariya olungileyo owamngenisa endlini yezihambi wayesethi, "Kulungile, uma untula noma yini, ngizokukhokhela lapho ngifika." Nkulunkulu siphe khona. EGameni likaJesu, ngibethula kuWe. Amen.

155 Ngiyakuzonda nje ukushiya umhlangano. Ngibatshelile kulobubusuku ngaphambi kokuhamba, ngathi, "Kukhona okuthize ngalomhlangano okuvele kwabamba ngqi inhliziyo yami." Ngicabanga ukuthi kunabanye lapha engingeke ngisababona uma ngibuya unyaka kusukela manje, ngeke nibe lapha, abanye bethu, ngingahle ngingabibikho lapha unyaka kusukela manje, abanye bethu bazobe bengasekho.

156 Ubufakazi bami buzofanele bume ekwaHlulelweni nabo ngaleyonkathi phambi kwenu nonke. Bekuyongisiza ngani ukunikeza ubufakazi obungalungile na? Ngingaqoka ukuba sekhaya kulobubusuku noJoseph wami omncane, ngidlala naye; phansi ebandleni lami, nje ngimi ezansi lapho ngishumayela.

157 Bangaki osesakhiweni, okokuqala ukuba uke ube komunye wemihlangano yami na? Ake sibone isandla sakho. O? Niyazi kuyinto enhle ukuthi isixuku ngobusuku obulandelayo asifiki neze lapha. Kushiwo ukuthi bajikise izinkulungwane eziningana izolo ebusuku. Uma bonke bebeyoza ngesikhathi esisodwa, besiyodingeka sibe nethende elikhulu ndawondawo. Awukaze ube komunye wemihlangano yami ngaphambilini! Manje, bangane, a—angizisho ukuthi ngingumphulukisi.

158 Ngifuna ukusho into eyodwa ngaphambi kwalokhu: Ngamunye wenu bantu abathandekayo ophakamise isandla sakho, hamba, ubone umelusi olungileyo khona manje. Uzongethembisa lokho na? Asinayo indawo lapha yokukhuphulela abantu ukubizela e-altare, kodwa thembisa. Into kuphela ofanele uyenze . . .

159 Ngi—ngiyakholelwa e-altare, impela, ngiyakholelwa kulokho. Kodwa, niyakhumbula na? EBhayibhelini, Lathi, "Abaningi abakholwayo wenezelwa eBandleni." Niyabo? Ngicabanga ukuthi ubufanele, umuntu, kuhle kubo ukuba beze ngaphambili, futhi bakhuleke, futhi babonge uNkulunkulu, futhi basukume njengobufakazi phambi kwabantu bonke, ngiyakholelwa kulokho, yonke inhliziyo yami, kodwa asinayo indawo lapha yokukwenza.

160 Manje, wethembise uNkulunkulu ukuthi ukholiwe, ngithathe izwi lakho, futhi Ukwenzile, naye. Ngakho manje, yana kwelinye ibandla bese uxhawula isandla sakho, e, uxhawula umelusi, umtshele ukuthi ufuna ukuba yilunga lebandla lakhe, ubhaphathizwe.

161 Manje, imizuzwana embalwa nje ngaphambi kokuba siqale umugqa womkhuleko, esi. . .Eqinisweni siqale ngesikhathi, sinemizuzu eyishumi-nambili, kodwa ngeke sikuthathe konke. Ngifuna nje ukusho koqalayo ukufika: Manje, angizisho ukuthi ngingumphulukisi ngokukaNkulunkulu (Niyangizwa kahle na?), angikholwa ukuthi ukhona umuntu ezweni ongumphulukisi ngokukaNkulunkulu, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu nguYe kuphela ongaphulukisa.

162 Bangaki owaziyo ukuthi uJesu Kristu akazange azisho ukuthi ungumphulukisi na? Kunjalo na? Impela. Wathi, "AkuMina owenza imisebenzi, nguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi. NeNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza." Ngabe kunjalo na?

163 Khona-ke uJesu akazange enze neyodwa into, ngokweZwi laKhe uQobo, ngendlela yokuphulukisa abagulayo, kumbe noma yini, uBaba waze waMkhombisa kuqala ngesimangaliso, ngombono okwakuzokwenzeka, lelo yiZwi laKhe uQobo; Wayengenakuqamba amanga. Lowo nguJohane oNgcwele 5:19, "Ngiqinisile, ngiqinisile," igama lisho ukuthi *ngokoqobo*, *ngokoqobo*, "Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza neNdodana iyakwenza kanjalo."

164 Manje, lokho kuphefumulelwe, iZwi likaNkulunkulu uQobo. Manje-ke bukani ukuthi Wenzani na? Wazimemezela kanjani Yena uqobo manje esizweni na? Kwakuyini into yokuqala Ayenzile ngendlela yesimangaliso, njengoba siqonda, ukuthi abantu bakwazi ukubona na? Wakhulekela abagulayo, wabeka izandla zaKhe phezu kwabo, kodwa isimangaliso.

165 Kwakukhona indoda egama linguPetru, Wayibiza ngoPetru, kamuva elayo, noma, kamuva, igama layo kwakunguSimoni, futhi wayengumdobi omdala nomfowabo u-Andreya wamkhuphulela kuJesu. Manje, lalelisisani umzuzu nje, nizogeja umnyombo. Futhi wamkhuphulela kuJesu, futhi ngenkathi engena eBukhoneni bukaJesu, uJesu wathi, "Igama

lakho unguSimoni, kodwa uzobizwa ngoKhefase." Futhi wathi, "Uyindodana kaJonase."

166 Bangaki okwaziyo lokho na? Lelo kwakuyiJuda isimangaliso esenziwa kulo. Yena, ekugcineni, waphetha enezihluthulelo kuwo uMbuso esandleni sakhe, umuntu owayengakwazi ngisho nokufunda igama lakhe uqobo. IBhayibheli lathi uPetru wayengazi lutho futhi engafundile, kunjalo, hhayi isitshudeni, umdobi ongazi lutho nongafundile.

167 Manje, kwase kwenzekani-ke na? Kwakukhona umfo ovela emzini wakubo ogama linguFiliphu, wasindiswa, naye. Futhi wayeshisekele kakhulu, waze wazungeza intaba cishe amamayela angamashumi amathathu futhi wafumana umngane wakhe ogama linguNathanayeli. Leso yisibonakaliso esihle sokuthi wasindiswa, wayefuna ukutshela omunye ngakho. Futhi wafumana uNathanayeli, noNathanayeli wayengaphansi komuthi, ekhuleka, futhi wathi, "Woza ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

168 Manje, lomHeberu wokuqina, ethintitha izingubo zakhe zokugqoka, wathi, "Manje, awume kancane, Filiphu. Kungaba khona okuhle okuvela kulowomuzi na?" Noma leloqembu, labo bagingqiki abangcwele, kumbe noma yini ofuna ukubabiza ngayo. "Kukhona okuhle obekungavela lapho na?"

Futhi umnika impendulo ezedlula zonke noma yimuphi umuntu abengayinikeza, wathi, "Woza, ubone. Yiba ngumahluleli."

169 Ngenkathi phandle esemgwaqeni eza ngapha wamtshela lokho Ayekwenze kuPetru, kanjalonjalo. Kwa—kwakungamamayela angamashumi amathathu, ngakho babenesikhathi esiyinqwaba sokukhuluma, uhambo losuku olude. Futhi ngenkathi benyukela emgqeni womkhuleko lapho uJesu ayekhona, manje bhekisisani ukuthi uJesu wenzeni, manje, nakho kufika umHeberu wokuqina wangempela, ningakugeji manje, ngenkathi engena eBukhoneni beNdodana kaNkulunkulu, uJesu wambuka, wayesethi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Lowo nguJohane oNgcwele 1. Bangaki okwaziyo lokho, nina abaqala ukufika na?

Futhi waMbuka, wathi, "Rabi, Ungaze nini na?" Ngenye indlela "Awukaze ungibone, ngengubo yami Ubungeke wazi, bengingaba ngumGreki, bengingaba ngumArabu, futhi bengingaba yindoda engathembekile, kodwa Ungitshela ukuthi ngingo—owomthetho, owangempela, umIsrayeli weqiniso, futhi ngethembekile futhi ngiqondile. Ungaze kanjani na? Awukaze ungibone."

UJesu wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona." Ngabe kunjalo na? Bangaki okwaziyo lokho na?

170 Manje bhekisisani isimo sokuziphatha saleliJuda, ngiqonde elangempela, iJuda elikhethiwe. Ngifuna ukunibuza okuthize

nina bantu: Bangaki okholelwa ekukhetheni na? Niqonde ukungitshela ukuthi anikholelwa ekukhetheni na? Ngiyazi ngifanele ngize ngifundise kancanyana nje.

171 *Ukukhetha*: "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi." ENcwadini yabase-Efesu isahluko 1, iBhayibheli lasho ukuthi uNkulunkulu wasimisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana bakaNkulunkulu ngoJesu Kristu, wamisela ngaphambili ngokwazi ngaphambili. UNkulunkulu wayazi wonke umuntu, uyosindiswa ngaphambi ngisho kokuba izwe lidalwe. UJesu akazange eze emhlabeni ukuba afe, futhi abe ngodabukisayo, athi, "Omunye uzongihawukela, futhi athi, 'Awu, Wafa, ngiqagele ngizoza.'" Bengingeke ngasiphatha isikhundla sami kanjalo, futhi ubungeke nawe. Kuthiwani ngoNkulunkulu na?

172 UNkulunkulu wathumela uJesu lapha ukubiza labo ngokwazi ngaphambili Ayazi ukuthi bayoza. Impela, Wakwenza. uNkulunkulu, uma Wayengesuye ongenasiphelo, Wayengazi, kodwa uma Wayengongenasiphelo, Wayezazi zonke izimpukane, onke amazeze, yonke enye into ebiyoke ibe semhlabeni uma EnguNkulunkulu ongenasiphelo. Bangaki okholwayo ukuthi Ungongenasiphelo na?

173 Ngitshele ukuthi *okungenasiphelo* kusho ukuthini. Kwakungekho neyodwa into eyake yaba semhlabeni, ngaphandle kwalokho Ayekwazi ngaphambi kokuba izwe lidalwe, Washo njalo. Khona-ke Uyazi. . . Akathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukwazi kwaKhe ngaphambili kwaMazisa ukuthi ubani oyobhubha nokuthi ubani ongayikubhubha.

174 Yingalesosizathu ngenkathi uPawulu ekhuluma ngakho kwabaseKorinte lapho, noma, kwabaseRoma, wathi, "Ngaphambi kokuba noma yimuphi umntwana azalwe, u-Esawu noJakobe, bobabili benabalungileyo, abazali abangcwele, uNkulunkulu wathi, 'Ngiyamzonda u-Esawu, futhi ngiyamthanda uJakobe,' ukuze ukukhetha kwaKhe kume kuqinisile." Bangaki abake bakufunda lokho na? Futhi awukwazi ukukholelwa ekukhetheni na? Wayazi impela nje ukuthi kwakuzokwenzekani. Impela.

175 Akathandi, kodwa ukwazi ngaphambili kwaKhe kuyaMazisa. Akasho nje ukuthi, "Ngizosindisa *lona*, futhi ngilahlekelwe yi*lowo*." Ufuna nonke nisindiswe, kodwa ukwazi kwaKhe ngaphambili kuyazi ukuthi ubani obezokwenza, ngakho-ke Wayengamisela ngaphambili ngokokwazi ngaphambili, futhi lokho ngukukhetha. UJesu uyafika, futhi abokugcina ukuba basindiswe bazosindiswa, iBandla lizoya eKhaya.

176 Manje, ngenkathi uFiliphu enyuka futhi wathola uNathanayeli, noNathanayeli uyenyuka futhi wabona uJesu,

noJesu wamtshela ukuthi wayekuphi ngaphambi kokuba afike, bhekisisani ukuthi leloJuda lathini, manje lelo yiJuda langempela elikhethelwe ekuPhileni okuPhakade, lathi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi ka-Israyeli."

177 Kodwa manje, nakho kumi inqwaba yezifundiswa ngapho, futhi zathini na? Zathi, "UnguBelzabule, Ungumbhuli." Bangaki okwaziyo lokho na? "WayenguBelzabule." Niyabo, babazi, wayecabanga ukuthi kwakungukufunda umqondo waleyondoda. "UnguBelzabule, inkosana yodeveli."

178 UJesu wathi, "Ngizonithethelela ngalokho, kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile futhi akwenze, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, izwe elizayo." Bangaki okwaziyo lokho na? Wayenzani na? Yileyondlela Azazisa ngayo Yena uqobo kumaJuda, ngokwenza lokho.

179 Wazazisa kanjani Yena uqobo kumaSamariya na? Manje, kukhona izizwe ezintathu kuphela zabantu, lowo yiJuda, oweZizwe, nomSamariya: abantu bakaHamu, uShemu, noJafete, siyakwazi lokho, sivela emadodaneni kaNowa.

180 Manje qaphelani, khona-ke ngenkathi Ezazisa Yena uqobo kumaSamariya, Wathuma abafundi, futhi Wayehlezi phezu kwalelitshe, ngoba uBaba wayeMtshele ukuba enyukele lapho. Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya. Esikhundleni sokwehlela ngqo eJeriko, Wazungeza intaba waya eSamariya.

181 Futhi Wahlala lapho, nowesifazane uyaphuma, siyamkholwa ukuthi uyisifebe, wayenamadoda ayisithupha. Futhi ngenkathi ephuma, wahamba ukuyodedela iketela lehle ukukha amanzi, futhi ngenkathi ekwenza, uJesu wathi, "Sifazane, Ngiphuzise."

Futhi wathi, "Sinokwehlukana, akusilo isiko kumaJuda ukuba abe nanoma yikuphi ukudlelana namaSamariya. Sinomthetho wokwehlukana lapha."

Futhi Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi."

182 Wenzani na? Wahamba wayokhuluma naye ngokukhonza entabeni, eJerusalema. Waqhuba ingxoxo nowesifazane waze Wawubamba umoya wakhe. Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda." Bhekisisani, hhayi iJuda, umSamariya, futhi wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Usho kahle. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho."

183 Manje bhekisisani, wathini na? Ngabe wathi, "Ungumbhuli"? Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Futhi siyazi," (Ini?) "siyazi," amaSamariya "ukuthi nxa uMesiya efika, Uzositshela lezizinto, kodwa UnguBani na?"

Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

Futhi wagijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?"

184 Manje bhekisisani, Wenqabela. . . Akazange enze lesosimangaliso nakanye koweZizwe. Futhi Watshela abafundi baKhe ukuba bangahambi ngendlela yabeZizwe. Bangaki okwaziyo lokho na? Futhi akukaze kwenziwe kusukela ngalolosuku kuze kube yilolu. Kodwa lokhu ukuphela kwabeZizwe.

185 Futhi indlela uNkulunkulu enza ngayo esikhathini sokuqala, uma izimo zivuka, naleyonto efanayo iyavuka futhi, uNkulunkulu uzofanele enze ngendlela efanayo Enza ngayo lapho, kungenjalo Wenza ngokungesikho. Uma Ake aphulukisa umuntu ogulayo ngoba wayegula, Uzofanele enze ngendlela efanayo lapho Ebizelwa enkundleni, noma Wenza okungalungile ngenkathi Ephulukisa lowomuntu, Ubheka abantu.

186 Uma leyo kuyindlela Azibonakalisa ngayo Yena uqobo kumJuda, iJuda leqiniso lakukholwa, elinye alikukholwanga, yileyondlela Azibonakalisa ngayo Yena uqobo kumSamariya, Uzofanele enze into efanayo koweZizwe uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Wethembisa ukuthi Uyokwenza.

187 Gijima ubuyele emuva udabule e, nina zazi, buyela emuva emlandweni wakho futhi uthole ukuthi kuke kwenziwa yini kusukela ngalolosuku kuze kube yilolu. Lolu wusuku, lolu wuhambo lokugcina lokuya eMelika. Emva kokuba umusa usudeleliwe, ukwahlulela sekusele.

188 Manje, bangane, khumbulani lokhu, ningakukhohlwa, fundani umBhalo wenu: Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, ngokuba wathi enhliziyweni yakhe, "Uma ngingaMthinta, ngizosinda."

189 UJesu wayedlula, futhi wonke umuntu eMgona, noma exhawula, noma ngabe kwakuyini, nalowo wesifazane wathinta ingubo yaKhe. Akakuzwanga ngokomzimba, ngoba ingubo yasePalestine ikhululekile. Futhi wavele wathinta umphetho wengubo yaKhe, wayesebuyela emuva, wayesehlala phansi, noma wasukuma, kumbe noma yini, wasuka kuYe, uJesu waphenduka wayesethi, "Ubani oNgithintile na?"

Nowesifazane wathi, "Hhayi mina."

Bonke bathi, "Hhayi mina."

Kodwa uJesu wathi, "Ngibe buthakathaka, amandla aphumile kiMi."

UPetru wathi, "Awu, lonke iqembu liyaKuthinta."

Wathi, "Kodwa ngibuthakathaka." Khona-ke Waqalaza waze Wathola owesifazane, futhi Wathi, "Ukukholwa kwakho kukuphulukisile."

190 Manje, lowo kwakunguJesu izolo, neBhayibheli lasho ukuthi UngumPristi oMkhulu khona manje onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? Ngabe Wakusho lokhu ngaphambi kokuba Ahambe na? "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Ngabe Wakusho lokho na? Bangaki okwaziyo lokho na? Thanini, "Amen."

191 Bangaki owaziyo ukuthi Wathi, "Kuseyisikhashana nezwe," lelogama lesiGreki elithi "kosmos" lisho ukuthi *uhlelo lwezwe*, ukuthi, "izwe ngeke lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina; ngokuba Ngiyakuba nani kuze kube sekupheleni kwezwe." Bangaki okwaziyo lokho na? UJesu Kristu nguyena . . . Uma Esenguye, Uzofanele azimemezele Yena uqobo ngokufanayo.

192 Bukani ukuthi Wathini, "NgingumVini, nina ningamagatsha." Manje, umvini awutheli isithelo, igatsha lithela isithelo, nohlobo lwesithelo esiluthelayo, wuhlobo lwesithelo, ukuphila okuphuma emvinini. Uma kuyithanga, njengoba ngishilo, liyothela amathanga; uma kungumvini onesono ohhukeke kuwo, uyothela isono; uma kungumvini webandla, uyothela ubusonto; uma kunguKristu, uyothela imisebenzi kaKristu, ufanele. "NgingumVini, nina ningamagatsha." Futhi manje, Unezandla kuphela: ezami nezakho; amehlo: awami nawakho. Unguye izolo, namuhla, naphakade.

193 Futhi mangisho lokhu njengoba ngihamba kulobubusuku: Leli yihora laseMelika, futhi ilidelelile. Ngasho eminyakeni emibili edlule ukuthi iMelika ayisoze yaba nemvuselelo. Kubhale encwadini yakho bese uthola ukuthi kuqinisile noma qha. Seyiphelile.

194 Uma uNkulunkulu ededela iMelika izedlulele ngalesi esonakeleyo, esingakholwa, isigejane esisontayo sabazenzisi, Uzofanele avuse iSodoma neGomora futhi axolise kubo ngokubacwilisa, kunjalo, ukuba abe nobulungiswa. Kunjalo. Ngisho nakuba iziNgelosi zabashaya ngobumpumputhe, babesebumnyameni bephumputha, umoya ophendukezelwe. Futhi kulobubusuku iMelika imi esimweni esifanayo, akukho lutho olusele ngaphandle koMlilo.

195 Ngifuna niqaphele, wawuyini lowomlayezo weNgelosi efikayo yazama ukubakhipha lapho na? Ngifuna ukuninika nje okuncane eceleni manje, umzuzu nje. Ngenkathi iNgelosi ifika ku-Abrahama, uSara wayesemuva ethendeni. Bangaki okwaziyo lokho na? NeNgelosi Yayifulathele ithende. Bangaki okwaziyo lokho na? IBhayibheli lasho njalo.

196 Futhi iNgelosi, okwakunguKristu, siyazi ukuthi lowo kwakunguKristu, Wayebizwa ngo-Elohim, okunguNkulunkulu uSomandla esimweni somuntu, Wama lapho, futhi ngenkathi Waye, Wayebuka u-Abrahama, Wathi, "Ngokwesikhathi sokuphila, Ngizokuvakashela." Futhi uSara, emuva ethendeni wathi, "*Ha*!" wahleka, emuva emva komhlane waKhe.

Wathi, “Uhlekeleni uSara na?”

197 Kwakuyini na? Kwakungumlayezo weNgelosi oya eSodoma ngaphambi kokuba lishe. Futhi sizothola uMlilo. Futhi ngaphambi kokuba uMlilo wehle, leyoNgelosi efanayo nezibonakaliso ezifanayo nezimanga, thinta ingubo yaYo futhi uthole! Niyabona ukuthi yiNgelosi, isexwayiso sokugcina eBandleni. Bangaki okuqondayo lokho manje na? Ngabe ngikwenze kwacaca kini na? Niyabo? INgelosi efanayo izofanele yenze into efanayo. Nanso, uKristu ofanayo, YayinguYe owayeno-Abrahama, nangu Ukhona kulobubusuku enza into efanayo, neMelika ivele ihlale ithule nje. Impela, kungebe lutho olunye, kufanele kube ngaleyondlela, kodwa kukhona izinkozi ezithile.

198 Vula amehlo akho manje, uNkulunkulu agcobe amehlo akho. Futhi uma uKristu ezokwenza into efanayo kulomsamo kulobubusuku Ayenza ngenkathi Ehamba eGalile, angazi noma—noma ubungaya yini ekhaya njengoKleyophase nabo, uthi, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?” Ubungakukholwa lokho na? UNkulunkulu anibusise.

Asikhuleke.

199 Manje, Nkosi, ngenze konke engikwaziyo ukuthi kanjani, nginikela yonke inkonzo kuWe. Manje, gcoba abantu baKho lapho, Nkosi; leli yiqembu elithandekayo labantu. Futhi, Nkosi, isizathu ngizame ukubaqonda ngqo kangaka, kungesikho ukuthi bengicabanga ukuthi bebefanele ukuba baqondwe ngqo, kodwa ngixwayisa kuphela, Nkosi, isexwayiso kuphela, futhi ngikhulekela ukuthi Uzobenza bakuqonde lokho, ukuthi ngibeka kuphela isexwayiso lapho futhi ngibazise ukuthi leli yihora laseMelika, ihora layo lokugcina.

200 “Shesha,” kwasho uLoti, noma, iNgelosi yathi kuLoti, “phuma, woza masinyane. Angikwazi kwenza lutho uze uphume kuqala.” Futhi leso yisexwayiso seNgelosi namhlanje, iNgelosi efanayo, yenza imisebenzi efanayo, ifakazisa ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Siphe khona, Nkosi. Ngqongqotha enhliziyweni yabo, uvule amehlo abo, futhi kwangathi bangaKubona kulobubusuku. Ngokuba ngiyakucela, eGameni likaKristu. Amen.

201 Nginalamaduku lapha. Manje, eBhayibhelini Lasho ukuthi. . . Abaningi benu bathi phakathi lapha, “Gcoba amaduku ami.” Lokho kulungile. Noma yini uNkulunkulu azoyibusisa, ngihambisana nayo, kodwa uma nizongifakazela, eZenzweni 19 abazange bagcobe amaduku, bathatha emzimbeni kaPawulu, amaduku.

202 Niyazi, ngicabanga ukuthi uPawulu wayengoqavile kakhulu. Anicabangi kanjalo na? Niyazi ukuthi ngicabanga ukuthi wakutholaphi lokho na? Ngenkathi owesifazane,

owesifazane waseShunemi apha uGehazi udondolo lwakhe, wayesethi, “Thatha loludondolo ulubeke phezu kwengane.” UGehazi wayazi ukuthi ayekuthinta kwakubusisiwe, uma owesifazane wayezokholwa yinto efanayo.

203 Nabantu bamkholwa uPawulu, bayibona iNkosi isebenza ngaye, futhi bakholwa, ngakho bathatha amaduku nezindwangu emzimbeni wakhe, futhi baya kwabagulayo nabahluphekile, futhi baphulukiswa.

204 Manje, uma ungenalo elilodwa lapha, futhi ufuna elilodwa, vele uthumele ezansi ehhovisi lami eJeffersonville, lizothunyelwa kuwe ngesihle futhi likhokhelwe iposi. Sithola . . . thumela izinkulungwane zawo ngenyanga emhlabeni jikelele. O, izimfakazo ezinjalo!

Manje asikhulekele lamaduku phambi kwami.

205 Nkosi Nkulunkulu, eBhayibhelini kulotshiwe ukuthi ngenkathi u-Israyeli evalelwe ekhoneni ezama ukulandela iziyalo zaKho, futhi babesoLwandle oluBomvu, nezintaba nezingwadule kwakungapha nangapha, nempi kaFaro yabavimbezela, nampa babeza bezofa ngokuzuma. Nomunye umbhali ushilo ukuthi amehlo eNkosi abuka phansi ngaleyoNsika yoMlilo, noLwandle oluBomvu lwesaba, futhi lwaba ugange, no-Israyeli wawela emhlabathini owomileyo eya ezweni lesithembiso.

206 Manje, Nkosi Nkulunkulu, njengoba ngithumela lamaduku njengophawu lokukholwa kwabantu, kwangathi amehlo kaNkulunkulu angabuka phansi ngeGazi likaJesu, iNdodana yaKhe, futhi lapho ebona loluphawu oluncane lubekwe phezu kwabagulayo nabahluphekile, kwangathi udeveli, ukugula kungasuka, futhi kwangathi isiguli singawelela kulelozwe lesethembiso lempilo enhle. Siphe khona, Nkosi. Ngiyawathumela, eGameni likaJesu, ngalenhloso. Amen.

207 Kulungile. Ikhadi lomkhuleko ku Y? U Y. Elokuqala kuya ekhulwini na? U Y, elokuqala kuya ekhulwini. Awu, kade sikuyo yonke indawo ngawo, ngakho asiqale nje kwelokuqala. Asikwazi ukushayisa umugqa kodwa nje abambalwa kakhulu ngesikhathi, ngakho-ke ngizofanele nginibize ngamunye ngesikhathi ngize ngithole abenele ukugcwalisa lesisikhala esincane esiphakathi nezihlalo phezulu lapha, khona-ke sizoqala. Kulungile.

208 Ngifuna wonke umuntu ugcine isihlalo sakho futhi uhloniphe ngokuzithoba ngakho konke ongakwenza, uhloniphe ngokuzithoba nje njengoba wazi ukuthi ufanele ube kanjani. Hlalani nithule manje. Sinemizuzu cishe eyishumi nesishiyagalombili nje. U Y, wokuqala, ungasiphakamisa isandla sakho na?

209 Yikhadi elincane cishe nje *kanje*. Abafana bayehla, bawaxube onke ndawonye, banikeze noma ubani ikhadi olifunayo, kanjalo. Khona-ke ngalobobusuku sibiza kusukela

ndawondawo, letha. . . Lokho nje kungukuthola abantu phezulu lapha. Bese-ke uqala ukukholwa.

210 Bangaki lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko (Ake sibone isandla sakho.), futhi ufuna uNkulunkulu akuphulukise na? Ngiphosela inselelo ukukholwa kwenu ukuba nibuke kuYe OngumPristi oMkhulu, futhi nithi, "Nkosi Nkulunkulu, uma leyondoda ingitshele iqiniso, anginakhadi lomkhuleko, kodwa mayiphenduke futhi ingitshele into efanayo njengoba Wenza emuva lapho, angisophinde ngikungabaze." Yenza lokho futhi ubone ukuthi kwenzekani. Niyabo?

211 Izolo ebusuku sibe nomugqa womkhuleko, futhi besingeke sithathe noma ubani obenamakhadi omkhuleko. Bangaki obelapha izolo ebusuku okwaziyo lokho na? Nje ngithathe labo abangenawo amakhadi omkhuleko. Kuyafana. Into kuphela ngukugcina nje, ake nje omunye enyukele lapha uku. . . Akunandaba ukuthi ubani ozayo, kodwa lokhu lapha kugcina konke kuhlelekile, akukho, njengenkundla yemidlalo i-arena, balwe omunye nomunye. Sibone abantu belwa ngokuthi ubani oyokhuphukela lapho kuqala, ngakho-ke sadingeka sibanikeze amakhadi futhi sibagcine belayinile.

212 U Y, wokuqala, phakamisa isandla sakho ngiyacela, noma ubani onalo, ikhadi lomkhuleko u Y. Ngabe kunjalo na? Noma u V, usho njalo na? U V, u V. Mhlawumbe ngu V, wokuqala khona-ke. Ubani ono V, wokuqala na? Ngabe ukhona onekhadi lomkhuleko u V na? Phakamisa isandla sakho, njengokuthi *ukunqoba*. O, yebo, nampa. Kulungile. Ngu V.

213 Asiqale ku V, wokuqala khona-ke. Ubani onalo na? U V, wokuqala. Kulungile, khona lapha. Kulungile, mnumzane. U V, wesibili. U V, wesibili, ungasiphakamisa isandla sakho na? Ubani onalo na? Ngiyacela. . . Omunye emuva lapho. . . Ngabe yilelonenekazi khona lapho, dade, u V, owesibili na? Kulungile. Woza lapha, uzoza na?

214 U V, elesithathu. Asesakhiweni sonke nje manje, bavele bawakhiphe noma kuphi esakhiweni. U V, elesithathu, phakamisa isandla sakho. Sivayizelise *kanje* ukuze sikwazi. . . Emuva lapho? Ngiyabonga, dadewethu. Woza lapha umzuzu nje. Funa ukushaya umugqa khona lapha manje. U V, wesithathu, u V, wesine. Ubani onowesine na? Kulungile, nenekazi. Woza khona lapha.

215 Wesihlanu. Buka ikhadi likamakhelwane wakho, angahle abe yisithulu, angahle angakwazi ukusukuma. Owesihlanu. U V, wesithupha, ungasiphakamisa isandla sakho ngiyacela? Khona lapha. Owesikhombisa, ungasiphakamisa isandla sakho na? Khona lapha. Kulungile. Owesishiyagalombili, ungasiphakamisa isandla sakho na? U V, wesishiyagalombili. Owesishiyagalombili, ungasiphakamisa isandla sakho,

ngiyacela? U V, wesishiyagalombili. Emuva lapho? Ngiyabonga. Kulungile.

216 Owesishiyagalolunye, owesishiyagalolunye. U V, wesishiyagalolunye, ungasiphakamisa isandla sakho na? Kulungile. Oweshumi. Lokho kuhle. Wozani ngqo ngaphambili manje. Oweshumi, ungasiphakamisa isandla sakho, ngokushesha na? Ishumi, ishumi-nanye. Kulungile. Ishumi-nambili, ishumi-nambili. Ngabe ngilibonile na? Uzolahlekelwa yithuba lakho. Ishumi-nambili, kulungile, ishumi-nantathu, ishumi-nane, ishumi-nanhlanu, ishumi-nesithupha, ishumi-nesikhombisa, ishumi-nesishiyagalombili, ishumi-nesishiyagalolunye, amashumi amabili.

217 Manje, akunandaba, angikhathali uma noma ubani omunye, uma befuna ukuma, ngingaqhubeka nokubiza. Ufuna ngibize abanye abambalwa na? Shono njalo nje. Akunandaba. Angifuni nje nime isikhathi eside kakhulu. Amashumi amabili, amashumi amabili-nanye, -nambili, -nantathu . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

218 . . .? . . . mhlawumbe sazalwa ngokwehlukana ngamamayela, iminyaka ngokwehlukana. Futhi lesi yisikhathi sokuqala ukuba size sihlangane empilweni. Manje, uma uNkulunkulu ezokwembula kulendoda uJesu Kristu, njengoba nje Enza ngenkathi uFiliphu wahamba futhi wathola uNathanayeli futhi wamletha . . . Wathini uJesu na? "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Eliqotho, elilungile, ikholwa elingumKristu, ngamany'amazwi.

Wathi, "Ungaze nini, Rabi na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

Ngokushesha wathi, "UyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli."

Kodwa abaFarisi bathi, "Ungudeveli."

219 Manje, uma sekwenziwe, kuzofanele kufike ngohlobo oluthile lwamandla angaphezu kwemvelo. SinamaBhayibheli amabili abekwe lapha phambi kwethu, futhi sobabili siphakamise izandla zethu lesi yisikhathi sokuqala ukuba size sihlangane. Manje, kuya ngokuthi ucabanga ukuthi kuyini, uma ucabanga njengabaFarisi, uthola umvuzo wabo; uma ucabanga njengoNathanayeli, uthola umvuzo wakhe. Uthola umvuzo kaNkulunkulu uma ucabanga ukuthi NguNkulunkulu. Lokhu bekufanele kukuxazulule kuze kube phakade.

220 Manje, asi . . . Angisho ukuthi Uzokwenza, ngikholwa ukuthi Uzokwenza, ngiyethemba. Akakaze angehlulekise namanje, futhi lokhu sekuthi akube yiminyaka eyishumi-nambili. Ngibone imibono kusukela cishe nginezinyanga eziyishumi nesishiyagalombili ubudala. Umbono wokuqala

engake ngawubona, ngatshela umama wami ukuthi siyohlala kuphi, futhi, eduze naseNew Albany, e-Indiana, sasiqhele ngamakhulu amamayela, siphile lapho yonke impilo yami.

221 Nonke niyakubona nje lokhu khona lapha emsamo, yilokhu kuphela enikwaziyo. Buza engibambisana nabo, uDkt. Vayle nalaba abahamba nathi futhi babhekisise imibono emikhulu. Yilokhu okwenzayo, lokhu ukukholwa kwakho uqobo kudonsela ngasesiphiweni sikaNkulunkulu; yilokho okwenziwe yilowo wesifazane, uJesu wayengazi lutho ngakho, kodwa wadonsa amandla kaNkulunkulu aphuma kuYe ngokukholwa kwakhe, futhi yileyonto kuphela eyenzeke lapha.

222 Kodwa ngenkathi uNkulunkulu etshela uJesu ukuba ahambe futhi alinde uLazaru waze wafa futhi uyabuya, Wavusa ofileyo, Akazange athi Waba buthakathaka. UNkulunkulu wavele waMphakamisa, wathi, "Yilendlela okuzoba ngayo, futhi yilokhu okuzokwenzeka." Futhi Akazange abe buthakathaka kulokho, kodwa ngenkathi owesifazane ethinta ingubo yaKhe, *wa*yesebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu.

223 Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela. Asikhuleke, futhi niqaphele manje.

224 Manje, mnumzane, lokhu kungahle kube yisikhathi sokugcina emhlabeni esihlangana ngaso, futhi silapha okokuqala emhlabeni, ngithemba ukuthi sizohlangana izikhathi eziningi. Kodwa uma iNkosi uNkulunkulu izofika manje. . .Futhi khumbula, ngiyakutshela, futhi uyakwazi ukuthi kuyiqiniso, angazi lutho ngawe. Kodwa uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela into ethize owaziyo ukuthi ngabe iyiqiniso noma qha . . .

225 Manje, uma ngithe, "Mnumzane, uyagula," ungahle ungaguli, angazi. Lokho bekuyoba ukuqagela, mhlawumbe, noma kunjalo bekungaba yiqiniso. Manje, wena. . .Futhi ngiyothi, "Uzosinda," uyobe usadingeka uthathe izwi lami ngakho. Kodwa uma uNkulunkulu ezongitshela okuthize, ukuthi uyazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha, khonake ubuyokwazi noma lowo bekunguNkulunkulu noma qha, ubungeke na? Lowo bekuyoba nguNkulunkulu, indlela kuphela obekungaba ngayo. Manje kholwa.

226 Manje, uma izethameli zingezwa iphimbo lami, nani enisibonile isithombe seNgelosi yeNkosi, uBukhona baYo bulapha. Futhi, eGameni likaJesu Kristu, ngithatha bonke omoya lapha babe ngaphansi kokulawula kwami ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, nokubonakaliswa kweNdodana yaKhe Ekhona manje.

227 Indoda ihlushwa yisimo sokwethuka efuna ngisikhulekele, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo, akunjalo, mnumzane na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Lokho

bekungesikho ukuqagela, lelo bekungesilo iphimbo lami, Bekungenye into ethize. Uyakholwa ukuthi bekungelaKhe na?

228 Manje bukani, lapho ngikhuluma kakhulu nendoda, okuningi kuyoshiwo. Ungathanda...? Lokho bekungaqinisa noma yini kini, uma nje ngikhuluma kakhudlwana kuyo na? Ngeke nganitshela ukuthi ngitheni, indlela kuphela engikwazi ngayo, ngalamateyipu, niyabo, ngumbono. Ngiyibonile indoda yenza okuthize, bengingeke ngikutshele ukuthi kuyini. Ake sikhulume nayo kancanyana nje. Ibonakala ingumuntu okholwayo. Manje asikhulume nayo, futhi mayibe ngumahluleli.

229 Manje indoda imi ivale amehlo ayo, futhi nonke niyabona ukuthi ayikaze ivule amehlo ayo ukuba ibheke ngakimi. Yebo, ngiyayibona indoda, ithi ukuphatheka kabi ngento ethize, ihlushwa yisimo sokwethuka, leyo yinkathazo yayo.

230 Futhi ngaphandle kwalokho, okuyenza iphatheke kabi, inomunye wabathandekayo bayo oseduzane nokufa, uzokufa. Futhi lowo ngumfo osemncane, o, yi—yi—yindodana yakhe. Nalowomfana usesimweni esibi kabi, unokuthile okungalungile emaphashini akhe, ngumdlavuza emaphashini akhe. Kunjalo.

231 Futhi lendoda phambi kwami ingumshumayeli. Futhi ayiveli kulelidolobha, ivela kwenye indawo ngase, iza inqamula izintaba, noma into ethize ukuba ize, ivela endaweni ethiwa yiCharleston, eWest Virginia. Ize lapha empendulweni ukuba ikhulekelwe, ngothandiweyo wayo ofayo. Lowo ngu USHO KANJE UMOYA. Uyakholwa ukuthi uyakwemukela okucelile, mnumzane na? Hamba uye ekhaya futhi ukuthole ngaleyondlela, eGameni leNkosi uJesu Kristu.

232 Niyakholwa na? Manje, nina phandle lapho ongenawo amakhadi omkhuleko, nina, ukuthi anizukuba kulomugqa, qala ukubuka ngapha futhi uthi, "Nkosi, ngiyakholwa, nami," yonke indawo, noma yikuphi esakhiweni.

233 Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye, nenekazi. Siyizo. Ukuhlangana okokuqala ngokwazi kwami. Kodwa iNkosi uNkulunkulu Owenza amaZulu nomhlaba umi lapha ukuba abe nguFakazi wethu. Uma Ezongembulela... Manje, nasi isithombe njengowesifazane emthonjeni, owesifazane ongumSamariya, niyabo, ngowesilisa nowesifazane bebonana okokuqala.

234 Uma uJesu enguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke uma Ezongembulela into ethize owaziyo ukuthi ngabe iyiqiniso noma qha, uzokholwa ukuthi nguYe okhuluma ngomfowenu na? Uzokholwa. Uyikholwa elingumKristu, ngoba umoya wakho wamukelekile, ngiyazi ukuthi ungumKristu.

235 Owesifazane uhlushwa ukwethuka okukhulu kakhulu, nobuthakathaka. Lobu buthakathaka babangelwa uku—ukuhlinzwa, nalokho kuhlinzwa kwakusendlaleni yabesifazane, futhi usalokhu enokuvuzayo okuvela kulokho kuhlinzwa.

Lelo yiqiniso. Phakamisa izandla zakho kulokho. Awu, se—sekuphelile, dadewethu, uzosinda, ngakho ukukholwa kwakho kukuphulukisile, ngakho usungaya ekhaya manje, futhi uphile, futhi udumise uNkulunkulu. Amen.

236 Ungeza na?

237 Hloniphani ngokuzithoba manje. Yibani semkhulekweni nje.

238 Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye. Lokhu ukuhlangana kwethu kokuqala na? [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Kade ulapha emihlanganweni, kulomhlangano. Kodwa angikwazi na? ["Qhabo."] Qhabo. Kulungile.

239 Khona-ke uma iNkosi uNkulunkulu wethu izokhuluma futhi yembule imfihlo yenhliziyo yakho, noma okuthize noma ngabe uyazi ukuthi kuyiqiniso noma qha, uzo—uzokwazi noma lokho kulungile.

240 Mshumayeli, unenkathazo yesinye nenkathazo yendlala, futhi ubuhlezi lapho ukhuleka, sekuphelile manje, ungaya ekhaya. Wena ohlezi khona lapho ugqoke iyembe elibukeka libomvu, uthayi onemishwe. Sekuphelile, ukukholwa kwakho kukusindisile.

241 Ithinteni na? Angiyazi indoda, angikaze ngiyibone. Ngabe siyizihambi komunye nomunye, mnumzane na?

242 Ngabe—ngabe uNkulunkulu ugcoba amehlo akho ngomuthi wokugcoba na? Unga...? Ngabe ayavuleka na? Ungaqonda ukuthi umfowenu lapha akahlanganise lutho nalokho na? Yisiphiwo ukuthi nje uzinikela wena uqobo kuMoya oNgcwele. UNkulunkulu uyazi.

243 Lelinenekazi elimi lapha, nenkathazo yalo isemhlane walo. Uthe lokho bekungamatshe ezinso, udokotela...?... Uyakholwa ukuthi uzosinda na? Akusikho lokho kuphela, kodwa nje ube nokuwa, wephule izimbambo ezithile. Manje impilo yakho, ubungeke ufihle. Ukukuphulukisa, angikwazi. Awusuye owasedolobheni, uhlala eduze kwedolobha elibizwa nge-Elkton. Gracie, ungaphenduka, futhi uye ekhaya, futhi uphile. UNkulunkulu uyakusindisa.

"Uma ukholwa!"

244 Nenekazi eliselincane, uyakholwa na? Ngiyisihambi kuwe, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uyakholwa ukuthi useBukhoneni baKhe na? Umfowenu ubengeke akwenze uzizwe kanjalo. Manje, uma abantu bezobhekisisa, futhi babhekisise amakholwa angempela lapho eza emsamo, babhekisise ukubonakala kobuso bawo. Niyabo, kimi ngiyakubona lokho kuKhanya enikubona esithombeni, Kungakowesifazane ngqo.

245 Ngifuna ukukubuza okuthize, ntombi. Ubona i...Uyazi ukuthi ubukhona bomfowenu bekungeke bukwenze uzizwe kanjalo, bekungakwenza na? Awukho yini omnandi ngempela,

othobile, umuzwa omnene ngakuwe manje na? Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho ukuze kuthi...Niyabo, ngibuka ngqo lokho kuKhanya, kuhamba ngasenenekazini.

246 Inenekazi limi lapha ngomunye umuntu, kunjalo, indodakazi yakho. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini engalungile ngendodakazi yakho, uzokholwa na? Yisifo sesikhumba. Manje, hamba uye ekhaya futhi ubeke lezozandla oziphakamisile, uzibeke phezu kwayo, izosinda. Izophuma kukho, ungakhathazeki. UNkulunkulu akubusise. Hamba ukholwa.

"Uma ukholwa!"

247 Siyizihambi komunye nomunye, ngiyacabanga. Kodwa iNkosi uNkulunkulu isazi sobabili. Uyakholwa ukuthi Iyakwazi ukwenza lokhu na? Uvela ngaphandle kwedolobha, futhi, cishe amamayela angamashumi amahlanu ukuqhela, into ethize. Unomongozima, une—isibhono, futhi unesinye esiwile ofuna uNkulunkulu asiphulukise. Uyamkholwa Lowo okhuluma kuwe na? Kulungile. Kholwa nje. Hamba futhi uphiliswe, eGameni likaKristu.

"Uma ukholwa!"

248 Siyizihambi komunye nomunye, ngiyacabanga. Siyizo na? [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Uke wangibona ngaphambi kwalokhu, kodwa uyazi ukuthi angikwazi, ukuthi ungubani na? Angazi ukuthi ungubani, impela qha, kodwa uNkulunkulu uyazi. Uma Ezongitshela ukuthi ungubani, khona-ke uzongikholwa na? Uyakholwa ukuthi isifo sakho samathambo sizoba kahle uma Enza na? Kulungile. Kwangathi uNkulunkulu angakupha khona, ngumkhuleko wami. Isibongo sakho nguWalton, negama lakho lokuqala nguLily. Manje, jika ngqo bese uya ekhaya, futhi buyela eRichmond, eVirginia, futhi utshele abantu ukuthi uNkulunkulu ubemuhle kanjani kuwe.

"Uma ukholwa, konke kungenzeka." Uyakholwa na?

249 Into ethize ishaye lowo wesifazane khona emuva lapho ngaleyonkathi nje, ngoba ukuKhanya kusuke kowesifazane kwaya kulowo wesifazane. Futhi ngibona idolobha elifanayo liphakama, ungowaseRichmond, eVirginia, ehlezi le emuva lapho. Futhi ukhulekela indodana yakho, naleyondodana isehhotela labahamba ngezimoto, naleyondodana inenkathazo yenhliziyo. Yibuyisele eRichmond, izosinda uma uzokukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

250 Uthinte bani na? Kwenzekeni kuye na? Uthinte umPristi oMkhulu. Impela. "Uma ukholwa, konke kungenzeka."

251 Ngibona owesifazane osula amehlo akhe. Undawondawo ekhuleka, ngethemba ukuthi ulapha. Akasuye owakulelidolobha, ungowasedolobheni elithiwa iChester.

Unenkathazo yeso. Igama lakhe nguLillian Bush. Hamba uye ekhaya futhi uphile, uJesu Kristu ukuphulukisile.

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. O, kukhazimula kanjani!

252 Uyakholwa, nenekazi na? Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Awukho lapha ngesingawe, ulapha ngomunye umuntu, futhi lowo ngabantu ababili. Futhi bahlala eduze ndawondawo lapho kukhona khona ulwandlekazi, noma i. . . kunjalo, wuLwandlekazi i-Atlantic. Basedolobheni elibizwa ngeNorfolk, eVirginia. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi yini engalungile ngalabobantu, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe futhi ukholwe ukuthi Uzokupha isicelo na? Omunye wabo unethumba emaphashini; omunye unomdlavuza ebuchosheni, futhi lowo onomdlavuza ebuchosheni uhlinziwe, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa na? Kuzoba njengoba nje ukholiwe. Hamba futhi uNkulunkulu abe nawe.

253 Uyakholwa na? Manje lethani umuntu olandelayo. Bangaki okholwayo manje ngayo yonke inhliziyo yakho na? Bheka, kanye ngankathi ngizwa ukudonseka okuncane okuvela ndawo ndawo lapha okuthi. . . Ungacabangi ukuthi ungafihla impilo yakho manje, ubungeke ukwenze. Ucabanga ukuthi kungukufunda umcabango, akusikho ukufunda umcabango, mngani. Qhabo. Noma ubani onengqondo yabo ekahle futhi azi i-awunsi elilodwa ngokufunda umcabango, wazi kangcono.

254 Lapha, lelinenekazi, angilazi. Thinta isandla sami, nenekazi. Uma uNkulunkulu ezokwembula ngalendlela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzoMkholwa na? Yiba ngumahluleli. Ngizobheka *ngapha*, ngeke ngibheke ngakulo. Inenekazi lihlushwa yinkathazo yabesifazane. Kunjalo. Susa isandla sakho kwesami, siphakamise uma lokho kunjalo. Manje buyela emuva, usuphulukisiwe.

255 Manje, ukufunda umcabango akukwenzi lokho, mngani. Yima, ungakukholwa lokho. Yiba nokukholwa nje.

256 Wena uthi, "Lokho bekungukuqagela."

Qhabo, akunjalo.

257 Woza lapha, nenekazi. Thinta isandla sami. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Khona-ke hamba udle ukudla kwakho kwakusihlwa, inkathazo yakho yesisu isihambile.

"Uma ukholwa, konke kungenzeka."

258 Ukuba-ke bengingashongo lutho kuwe, ngavele nje ngabeka isandla sami phezu kwakho, ubuyokholwa ukuthi uzosinda na? Khona-ke eGameni leNkosi uJesu, Nkulunkulu, siphe khona. Amen. Yiba nokukholwa.

259 Kulungile, woza, mnumzane. Ukuba-ke ngikutshele ukuba ubuyele emuva ngqo futhi udle ukudla kwakho kwakusihlwa, futhi, lesosilonda esingaphakathi esiswini ngenxa yokwethuka obunaso asisekho, ubungangikholwa na? Hamba uzungeze ngqo. Kukholwe.

260 Ubungakholwa ukuthi isifo sakho sikashukela sizokushiya, futhi uyosinda na? Hamba uzungeze ngalendlela, futhi uphiliswe.

261 Uyakholwa ukuthi isifo samathambo sizokushiya futhi uzoba kahle na? Uma ukholwa, futhi ufuna ukukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, yehla nje ngqo kulesositebhisi, futhi udumise uNkulunkulu lapho uqhubeka, sizokushiya, futhi uzoba kahle.

Asithi, "Ayibongwe iNkosi."

262 Unokubhakuza enhliziyweni yakho, kodwa ngempela akusiyo inkathazo yenhliziyo, yinkathazo yesisu eyenza yenze lokho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Hamba ngqo endleleni yakho eya ekhaya, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu."

263 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kuleyonkathazo yeqolo na? Hamba ngqo usuke emsamo bese uthi, "NgiyaKubonga, Nkulunkulu oThandekayo."

264 O, niyakholwa, lonke iqembu lenu na?

265 Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyakusindisa...?... Suka ngqo emsamo, uthi, "NgiyaKubonga, Nkulunkulu oThandekayo." Myeke ahlale lapho umzuzu nje. Hamba uzungeze (Unesifo samathambo.), phuma uzungeze ngaleyondlela, udumisa uNkulunkulu, nenekazi, futhi uthi, "Ayibongwe iNkosi." Kunjalo. Usinde futhi uye ekhaya. Uthi, "Mayibongwe iNkosi," manje. Qhubeka, uzoba kahle.

266 Ubunento efanayo, mnumzane, ngakho-ke qhubeka nje uzungeze naye ngqo kanjalo, udumisa uNkulunkulu nje, uthi, "Isifo samathambo asisekho."

267 Inkathazo yenhliziyo, usemncane kakhulu ukuba ube nalokho. Suka emsamo, isikushiyile manje.

Asithi, "Mayibongwe iNkosi." Uyakholwa na?

268 Umzuzu nje. Inenekazi elihlezi khona lapha ekugcineni linaleyonkathazo yesinye, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakusindisa na? Khona ngqo phansi phakathi lapha, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphulukisile na? Uma ukholwa, hamba uye ekhaya. Uneduku phezulu emlonyeni wakho. Sinda. Haleluya!

269 Khona phandle lapha ekupheleni kohlu, ngiyabona unenkathazo yemizwa nenkathazo yamankanka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakuphulukisa na? Umuntu wesithathu

emuva lapho, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, uhlezi emuva lapho ekugcineni kwalesisihlalo na? Uma ukholwa, ungaphiliswa futhi uye ekhaya. UNkulunkulu akubusise.

270 Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyaphila na? Uyakholwa ukuthi ngikutshela iqiniso na? Khona-ke uma ngiyinceku yaKhe, futhi ngifumene umusa emehlweni enu, uJesu Kristu uniphulukisile nonke, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, Ukwenzile. Into kuphela ofanele uyenze ngukuphakama, ukwemukele.

271 Niyakukholwa na? Manje, uma nikholwa, ngizonikhulekela nonke, niyakholwa, nizosinda na? Niyakholwa na? Kulungile. Khothamisa ikhanda lakho umzuzu nje, ngifuna usho lamazwi afanayo engiwashoyo enhliziyweni yakho:

272 Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, Mina, inceku yaKho, ngivuma izono zami, ngithembisa ukuba yinceku yaKho yeqiniso nethembekile kusukela kulolusuku kuqhubeke. Manje ngiyakholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina, ngikholwa ukuthi uJesu Kristu uthumele iziNgelosi zaKhe emhlabeni njengoba Enzile kuyo yonke imigamanxo, njengasezinsukwini zikaNowa, njengasezinsukwini zokukhulula abantwana bakwa-Israyeli, neNkosi uJesu qobo lwaYo, nasosukwini lokugcina.

273 Manje sengivuma konke okokungakholwa kwami. Ngikholwa ukuthi Wasikhokhela ngokucacile isikweletu sami ngezono zami, ngokugula kwami. NgiyaKwemukela njengoMsindisi wami, futhi ngiyaKwemukela njengoMphulukisi wami. Kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngosizo lukaNkulunkulu, ngizofakaza enkazimulweni kaNkulunkulu, ngokuphulukiswa kwami. Ngikholwa ukuthi udeveli akasenamandla phezu kwami ngenxa yomusa kaKristu olapha kulobubusuku. Manje ngiyakholwa ukuthi ngiphulukisiwe.

274 Manje hlalani nithule ngqo, gcinani amakhanda enu ekhotheme. Lowo ngumkhuleko wenu, uma nikusho ngempela, thanini, “Amen,” ngokuthula. Manje ake nicabange nje uMoya oNgcwele omkhulu, njengoba ngibuka, uhlezi phezu kwenu, Lowo ofanayo omi lapha.

275 Futhi uma nizothatha izwi lami, abantu bayaphulukiswa ndawo zonke, macala onke nje phezu kwesakhiwo manje. Angisuye umzenzisi, angisuye umkhohlisi, ngiyinceku kaKristu, uNkulunkulu ukufakazisile lokho kini. Niyaphulukiswa khona manje.

276 Manje ngizonikhulekela, ukuthi ngeke nibe ngongakholwayo, nhlobo. Lithini iBhayibheli na? “Hambani ningabe nisona.” Yini *isono* na? Ukungakholwa. “Hambani ningabe nisaba ngongakholwayo.”

277 Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, Ukuzwile ukuvuma kwalababantu. Nkosi Nkulunkulu, kusukela ezinjulweni zenhliziyo yami empofu ngibatshele iqiniso, ngibatshelile ukuthi Wabaphulukisa ngenkathi Ufa eKalvari eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, Wena ngifakazele ngaleliqiniso, Nkosi.

278 Futhi Wena gcina zonke izithembiso, yonke into Oyethembisile, Yigcine. Futhi uma Ugcine isithembiso saKho ukuba ubonakale ebukhoneni bethu lapho kubuthene ababili noma abathathu ndawonye, uma Ugcinile isithembiso saKho njengomPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, Ubungenza kakhulu kangakanani na? Akusekho lutho olusele. Kungokwabantu manje. Qiniso, ngiyakholwa, Nkosi, njengomfowabo, ngibezwile bevuma ngezindebe zabo, Uzwile, nawe, Nkosi, ukuthi bayakholwa futhi baKwemukele njengoMphulukisi noMsindisi wabo.

279 Futhi manje, Nkosi, yinye kuphela into esele ukubavimba ukuba bangaphili ngokuphelele, lokho ngukungakholwa, lowo nguSathane ezama ukubabamba, ethi, "Bengingekho emgqeni." Wenza mehluko muni umugqa na? Ubusemgqeni, yiLowo kuphela owenza umehluko. Lowo Owenza umugqa weGazi kusukela le ehholo lokwahlulela likaPilatu kuya eGolgotha, lowo ngumugqa esimi kuwo, umugqa weGazi leNkosi uJesu.

280 Futhi manje, Nkulunkulu, ngiphe ukukholwa, ngiphe amandla, futhi uzwe umkhuleko wami, Nkosi, njengoba ngikhuleka, futhi wehlule udeveli ngalababantu.

281 Sathane, awulutho ngaphandle komkhohlisi, awusenawo amalungelo angokomthetho ukuba ube usabamba noma yimuphi umKristu. Emkhulekweni wabo basivumile isono sabo, abasesiyo impahla yakho, bayimpahla kaNkulunkulu, uJehova, Wathumela iNdodana yaKhe Eyafa, ya, Yavuka futhi, futhi Ilapha khona manje ukuba Izifakazise kubantwana baYo, ifa laYo, ukuthi Iyaphila.

282 Futhi awusakwazi ukubabamba, ngiyakuyala, wena develi wokungabaza obambe lababantu, ngiyakuyala eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ukuthi uphume kulababantu futhi ubadedele bahambe! Phuma, Sathane, wehluliwe empini, udaluliwe ubusuku nobusuku lapha, awulutho kodwa oqamba amanga, udeveli odukisayo, futhi sikuphosela inselelo, eGameni likaJesu Kristu, ukuba uphume kulababantu ukuze baphiliswe!

283 Bonke abakholwayo manje ukuthi seniphulukisiwe, yimani ngezinyawo zenu, futhi nidedele ukumemeza kakhulu, futhi ninike uNkulunkulu udumo. UNkulunkulu anibusise njengoba nima. Yileyondlela yokukwenza. Amen.

